Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'Isiziba Senhlakanipho' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'Uthunywe Ngubani?' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Idwala LikaShaka' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 4. 'Ucu Olumhlophe' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |
| **KANYE** | | | |
| **Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.** | | | |
| 5. 'Yebo-ke nsizwa' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 11 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 11 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 14 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 14 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 16 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 16 |
| 12. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 19 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 19 |
| **NOMA** | | | |
| **UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.** | | | |
| 14. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 21 |
| 15. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 22 |

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 16. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 26 |
| 17. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 26 |
| 18. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 29 |
| 19. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 29 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 32 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 32 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIZIBA SENHLAKANIPHO – EJ Mhlanga**

Sizib' esijulile Njulase,
Ngiphum' emzini kababa,
Kusempondozankomo ngovivi lokusa,
Ngithwel' izihlabath' ekhanda,
Kwathiw' angonyus' amaqele,
Ngiyoncel' amanzi ngobhaqa;
Ngisuthisa wena Nzibase.
Kunamuhla lokhu ngisahamba,
Ngisathulula lesi sihlabathi,
Engisigeza ngamanz' omfula,
Olokhu kwasa ugobhoza.

Uyimpambankwici weNjulase,
Ngokuhlomel' ekudepheni.
Buph' ubunzulu bakho
Lapho ngohlala ngiphumule,
Nginethezeke ngobuqhawe;
Lokh' ungafun' ukujula
Oseku ngixabanise nowethu,
Engabashiy' osebeni,
Bezidobel' inhlanzi ngodobo.
Ngiyokuthola nin' ukuphumula,
Komzimb' osifohlok' umhlandla,
Ngithungathana nenjabulo yokudepha
Kwakho Nzuluse?
Sizinda sami ngiyophephelaphi,
Uma ngingapheleli kuwena?
Hleze ngothi sengiyithongo,
Basale bedalul' imfumbe
Yobonzulu bakho siziba,
Ngoba namuhl' uyimpicabadala.

Kule nkondlo imbongi iyabonakala ukuthi yomele ulwazi.

Fakazela ubuqiniso balesi sitatimende ngokubhekisa ekukhethweni kwamagama agqamisa umoya kule nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UTHUNYWE NGUBANI? – KNN Gcumisa**

We kufa, ak' ungihlebele,
Uthunywa ngubani wena?
Ukub' uzosibangel' usizi?
Nguban' okuph' amandlakazi
Angangawamabuth' akwaMandlakazi?
Owephul' uphoqoze ngawo
Izithomb' ezingamaklume
**Omthathe, omsimbithi nomthombothi?**
AbakwaMthombothi bangavuma.

AbakwaMsimbithi bangavuma
NabakwaMthathe bavume
Ukuthi usuke wabenzakalisa,
Kungabe uyisithunywa sikaSathane
Noma uthunywe ngoMkhulumkhulu?

2.1 Gagula uhlobo lwesifengqo olutholakala emgqeni woku-1 bese unikeza incazelo yaso. (2)

2.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI umqondo oqukethwe wumugqa wesi-4 ukuya kowesi-5. (2)

2.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa umbuzombumbulu emgqeni wesi-8 obhalwe ngokugqamile enkondlweni? (2)

2.4 Ngabe umugqa we-10 kuya kowe-12 ukwelekelele kanjani ukuqonda umoya wale nkondlo? (2)

2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusethuleleni indikimba kule nkondlo. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IDWALA LIKASHAKA – JM Sikakane**

Yidwala likaShaka
EliseSibubulungu,
**Elahlul' abelungu**,
Ukuliqhephula

Yidwala likaShaka
Elengamel' ulwandle
Kuhle kwenkos' imele
Imikhosi yempi.

Yidwala likaShaka,
Elabikezel' umLungu,
Nempela wathi lungu
Emanzin' olwandle.

Yidwala likaShaka,
Elalibuk' amabutho
Ezam' ukwenz' ufutho
Kumadlamb' olwandle.

Yidwala likaShaka
Eligezw' amagagasi,
Won' adl' aMaqaqasi
Ejutshwa yiLembe.

Yidwala likaShaka
Eliyisisekelo.
Liseyisizekelo
NgoShaka kashayeki.

3.1 Hlobo luni lwesifengqo olubhalwe ngokugqamile ebinzeni loku-1? (1)

3.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe yibinza lesi-3. (3)

3.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti etholakala ebinzeni lesi-4? (2)

3.4 Chaza ukuthi amagama asetshenziswe yimbongi emgqeni we-14 kuya kowe-15 akwelekelele kanjani ekuqondeni umoya wale nkondlo. (2)

3.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekugqamiseni indikimba yale nkondlo. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UCU OLUMHLOPHE – CT Msimang**

Kwakhethw' uzi oluwusinga lobumhlophe;
Kwaqokw' ubuhlal' obugabis' ubumhlophe;
Yeka leyo minjunju yothando kutshutshwa,
Luny' uhlamvu lwesiqalo nolwesiphetho,
Lolu cu alunasiqalo nasiphetho.

Ngamehlwana amhlophe luthi cwayicwayi;
Ngamehlwana amsulwa luthi phayiphayi;
Lungumhlanganisi kanye nomxhumanisi,
Luyisibopho sezifungo isibili;
Luyisizinda sezinhliziy' ezimbili.

Uzi oluhlanganise la maqanda wolwazisa,
Ungaluphatha gadalala luyogqashuka,
Ubuhlalu koba yisanhlaka senhlakanhlaka,
Kochitheka uphoko lwakwamfazi!

4.1 Gagula isifengqo esitholakala emgqeni wesi-4. (1)

4.2 Chaza kafushane ukuthi isetshenziselweni imvumelwano etholakala emgqeni wesi-8 kuya kowe-10. (3)

4.3 Ngabe isenzasamuntu esitholakala emgqeni wesi-6 sinamthelela muni ekuqondeni kwakho le nkondlo? (2)

4.4 Ucabanga ukuthi uthini umyalezo oqukethwe yibinza lesi-3? Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Hlaziya ngokuhlolisisa isigqi sale nkondlo. (2)
**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**NENKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**YEBO-KE NSIZWA – GC Nyanda no JJ Thwala**

Yebo-ke nsizwa ngiyezwa,
Uqephuqephuza uzihaya,
Uncoma ubuhle ubabaza ubuhlakani,
Uhluphekile impela ngiyezwa,
Ukhalo kuseyilo, izintaba namathafa.

Nyakenye wabe uhuba ingoma efanayo,
Nonyak' usungibophela amanqinenyathi,
Angigqiziqakala angigubhazeli,
Bebelapha noNonyoni,
Kuphel' umbhongo bedlula.
Noma ngingenawo amandla,
Noma ngingenawo umphimbo wokumpongoloza,
Ngilingise wena ontazayo,
Ude ushaya umlozi wakho,
Lalela-ke nansi eyami ingoma:

Noma ngabe ngiyisipompolo setshitshi,
Noma ngabe ngingumjendevu weqele,
Ukuphila kwakho akukho kweyam' inhliziyo,
Angivunulelanga ukuhuha wena.
Isigege sami singebe isidwaba,
Eyam' impithi ingegqunywe ngesicholo,
Obam' ubuhle obukududuza uKhathazekile,
Ethi laph' engibona uSokudabuka amamatheke,
Soze wakhela ngamaqubu ami nsizwa,
Ngiyithemba le nduduzo kaSobantu.

[Icashunwe: *Intathakusa*, GC Nyanda no JJ Thwala]

5.1 Tomula imvumelwano etholakala emgqeni wesi-3 kuya kowesi-4 bese usho uhlobo lwayo. (2)

5.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kwesikhawu/isizura ebinzeni loku-1. (2)

5.3 Chaza ngokusetshenziswa kokuxhumana okutholakala emgqeni we-11 kuya kowe-12. (2)

5.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa amagama adwetshelwe atholakala emgqeni we-16 nowe-17? (2)

5.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekudluliseni umqondo oqukethwe ibinza lesi-3. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo enikiwe.

## INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Ukuzikhethela impilo othanda ukuyiphila kubalulekile ukuze ungabi nokuzisola kusasa.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

Kayikho into okwakuvuma ukuba ayenze uXolani. Kuyo yonke into ayezama ukuyenza, wayevele abone uMahlengi nje lapha phambi kwakhe, emamatheka, ehleka ngesihoshwana sephimbo lakhe elalenza uXolani ezwe kubanda kwamancane, egajwa wuthando okwase kuyiminyaka agcina ukuluzwa.

'Yinto engizoyithini lena madoda?' ebalisa ngenhliziyo ebuka iwashi.
Walibuka isikhathi eside iwashi, wanikina ikhanda.
'Hhayi, akekho umasiza, ngizosanganelwa yikhanda uma kuqhubeka kanje,' esho elinikina futhi ikhanda, ephuma eya emotweni. Wangena emotweni washaya iselula, elokhu eqalaza ukuthi akabonwa muntu yini. Kwathi akasangane uma eselizwa iphimbo likaMahlengi elindonda kamnandi, elisasihoshwana.
'Sawubona Mahlengi, nguXolani lona.' Ehlebeza ehefuzela.
'Ngiyakuzwa Xolani, Kunjani bandla?'
'Ngikhona. Nginenkinga lapha,' esho ngelinokuphuthuma.
'Inkinga?' ebuza ngokwexwaya.
'Yebo. Cha, ungethuki. Inkinga yami ngukuthi bengifisa ukukubona, manje …' ehefuzela, ephinde eqalaza ukuthi akaqhamuki yini umkakhe amphazamise engakaluphothuli udaba lwakhe noMahlengi.
Yavele yamokha ngensini intokazi.
'Ungihlekiselani kodwa? Usungaze ukubize ngenkinga lokho?'
'Kangazi phela ukuthi uma ngicela ukuku …'
**'Usungaze ucele? *You are always welcome,*' igcizelela ngelichichima injabulo yodwa intokazi.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


'Any time?' ebuza kuvela elomhlathi.
'*Any time,*' egegetheka ngebhesi yakhe eyayenza uXolani adunyelwe yikhanda.
'Sengiyeza-ke. Ngiphatheni?' ebuza ngelinokungabaza engazi ukuthi intokazi izowuhumusha kanjani umbuzo wakhe.

[Isahluko sesi-5:79]

7.1 Chaza umsebenzi womlandi ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

7.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela ekutheni uMahlengi agcine esethandana noXolani. (3)

7.3 Ngabe amazwi akhulunywa nguMahlengi abhalwe ngokugqamile aveza isimo senhlalo esinjani? (2)

7.4 Qhathanisa uthando uLungile analo ngoXolani nothando uMahlengi analo ngoXolani. (3)

7.5 Uyazwelana nesimo uNkululeko azithola ekuso emuva kokuthi uNontobeko eziphonse emotweni yakhe, yamshayisa? Yikuphi ongakwenza uma ungabhekana nalesi simo? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Khipha ukhiye wesisefo-ke Hlomuka. Ngifuna imali,' ekhangeza, esula umjuluko esiphongweni ngesinye isandla.
'Hawu kodwa Sibalukhulu …' ezikhalela ngeliqhaqhazelayo, nakuye sekuqala ukujuluka ibunzi.
'Kangikutshelanga yini ukuthi ngubani uSibalukhulu?' enxapha, emsikaza ngesibhamu.
'Hawu, ngemali yami madoda!'
'Shesha-ke, kasiyovula isisefo,' esho embeka isibhamu lapha emhlane emqhuba ngaso. UNgidi usevele wabuna nje, usebonile ukuthi uma engadaza inkani angafa ngomzuzwana nje. Waqhutshwa njalo-ke waze wafakwa ekamelweni, ehlohlolozwa belu.
'Vula-ke isisefo. Shesha,' emdondonya ngesibhamu emhlane.

Wasivula isisefo uNgidi kuqhaqhazela izandla, kuxega amadolo, sekugobhoza izithukuthuku manje ebusweni. 'Imali engaka madoda!' kubabaza uNdumiso encinciza sekuthi akashayeke phansi ngenxa yovalo olubangwa ngukubona imali eningi kangaka angakaze ayibone nhlobo empilweni yakhe.
'Ngicela ungayithathi yonke Sibalu … ndoda yamadoda.'
'Musa ukudakwa wena. Khipha imali uyifake lapha esikhwameni,' ekhomba isikhwama sakhe sivele saba sincane kakhulu manje uma esebona le nsavunsavu yemali.
'Akusheshe lapho,' emhahameza ngolaka. Nebala kwashesha lapho, wayifaka uNgidi imali, kuduma ikhanda, kumcacela nokho ukuthi akukho nto angayenza.

Downloaded from Stanmorephysics.com

> 'Sesigcwele isikhwama,' esho eneka izandla.
> 'Nx! Yinto engizoyithini lena?' kucasuka uNdumiso ekluluza kabi uNgidi sengathi nguyena othe akaphathe i-*briefcase* encane. Washeshe wabona nokho uNdumiso ukuthi umhobholo usungaze umenze athole amathonsi abanzi.
>
> [Isahluko sesi-8:122–123]

7.6 Shono isigameko esiyisingeniso sale siqeshana. (2)

7.7 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguNdumiso ukuthi zimveza engumlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

7.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguNyambose? (2)

7.9 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaNgidi ukuba akamxoshanga uMhlengi? (3)

7.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le noveli. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Ukuzikhethela impilo othanda ukuyiphila kubalulekile ukuze ungabi nokuzisola kusasa.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

Esozela uNomvula uChule wamkhombisa ikamelo lokulala alibiza ngelakwakhe. Lalikhona phezulu esitezi, likufanele ukuba ngelikamengameli wezwe noma inkosi nendlovukazi yayo. Wathothobala uNomvula. Kunokuba ajabule wazeya, wazizwa eyize nezimali zakhe ebuka imbadlambadla yombhede, nekhabethe elinezibuko, nesihladlwana esincane esasimbala ufana nekhanda lombhede, nomsakazo nomabonakude.
'Ngisayogeza ezansi Chule.'
'**Qha, uyokwenzani ezansi ikhona nje indawo yokugezela lapha**? Nansi,' emkhombisa udonga olwalunoxhaxha lwezivalo athi akavule esinye sazo. Wasivula kwavela enkulu indlu eyayihlanzekile, imanyazela ngamathayela phansi nasezindongeni. Yayinobhavu oyimabuli, usendaweni ephakeme, kucacwa nje ngezitebhisi uma kuyiwa kuwo. Isethi yonke yendlu yangasese neyokugezela yayiphelele, kukhona nezibuko, newashi odongeni, nezimbali, nezitudlwana zokuhlala obezibhucunga esezesula.
Ngisho kwaDicey kwakungekuhle kanjeya. Konke lokhu enhliziyweni yakhe kwakumhlahlamelisa ngezicolo zokuhlonipheka uChule.
UNomvula wacela izimpahla zakhe efuna izimfanelo zokugeza. UChule wamphendula ngokuvula esinye sezivalo zamakhabethe ayekhelwe odongweni. Wakhipha amathawula amasha namashidi ayesanuka isitolo wamnika, wamshiya engena ebhavini. Wazibhuxunga ngezinsipho ezinezindophi. Esekulowo bhavu owawuthi awulingane nedamu lokubhukuda, unompompi abayinsontensonte ecwazimulayo, bemadlebe, beyizisefo, wavulela namanzi ashisayo, wazithela ngesineke. Waqeda wagcoba, wazishaya embhedeni.
'Phumula Nzima omuhle. Ngeke ngikuphazamise. Ngiyazi usazilile ngenhliziyo. Nokulala ubuthongo behle kade wagcina uphazanyiswa yizinxushunxushu zomcebo.' Ehlala eceleni kwakhe.

[Isahluko se-17:165]

9.1 Chaza umsebenzi womlandi ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

9.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela ekutheni uChule agcine esehlala noNomvula. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

9.3 Ngabe amazwi akhulunywa nguChule abhalwe ngokugqamile asivezelani mayelana nesimo senhlalo? (2)

9.4 Qhathanisa uthando uChule analo ngoMirriam nothando uGenyeza analo ngoMirriam. (3)

9.5 Uyazwelana nesimo uMaHadebe azithola ekuso sokulahlekelwa nguMahuzu ngenkathi emthume kuNomvula? Yikuphi ongakwenza uma ungabhekana nalesi simo? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

'Ungaqali ngokungivusela umhlwenga fanyana ngoba uzokhathala.
Baningi ababehalazela njengawe kodwa namuhla asebeyizinyonga.
Uzongisiza-ke wenze lokhu engikushoyo. Kusukela manje Usuwugqayinyanga ozohlaba umkhosi uma seliza leli qaba elinguGenyeza.'
Wathula isikhashana uHlulintombi embuka wayesethi, 'Yishwa lami yini? Ngilingwa ngomuntu omdala owumfundisi.' Wamhola wamkhombisa ngomunwe umnyango wendlu kaMirriam.
'Ngizokuholela amarandi angamashumi amahlanu ngobungqayinyanga.'
'Cha ngeke ngikwenze lokho. Wena ufuna ukungibona ngibulawa wuNtshangase.'
'Kulungile-ke, uzowenza mahhala lo msebenzi, uyathanda awuthandi.
Uyabona-ke ntanga, uzohlala lapha eduze komnyango wendlu kaMirriam uqaphe. Angifuni wehlukane namehlo ami ngoba uyimpimpi.'
Ngokucasuka uHlulintombi wathi, 'Uma ungibheka nje wena ngifanelwe ukuba yintanga yamakhehla?'
'Ho, ho, ho,' ehleka uChule, 'kukhona ongakwazi. Uyabona fanyana kuseThekwini lapha. Ungabolokotha ucabange ukuthi uhlakaniphile wedwa. Kumbe uzikhohlisa ngokuthi asazi ukuthi wena weshela uMirriam mhlawumbe ocishe alingane nonyoko. Wenza uGenyeza isiwula sakho.'
'Khehla ungabothi uma unemikhuba ucabange ukuthi sinayo sonke.'
'Yehlisa ijubane ndodana ngoba uzokhathala.' Wafaka isandla ekhikhini elingaphakathi lebhantshi sabuya namaphepha awavula. Wahosha elilodwa elalithwetshulwe ngomshini wamnika ethi, 'Nansi ikhophi yencwadi ebhalwe uwe mathupha weshela uMirriam. Ngiyithole esikhwameni sakhe. Maningi amanye amakhophi engiwenzile. Enye yawo ngizoyinika uGenyeza uma uqhubeka nobuwula oyibona.'

[Isahluko sesi-9:80–81]

9.6 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu olutholakala kulesi siqeshana. Bhekisa impendulo yakho ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

9.7 Chaza kafushane ukuthi izenzo zomlingiswa onguHlulintombi zimveza njengomlingiswa onjani ngokwalesi siqeshana. (3)

9.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguDaffo ekuqaleni kwale noveli? (2)

9.9 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMeyili ukuba akamxoshanga uNomvula? (3)

9.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le noveli. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Ukuzikhethela impilo othanda ukuyiphila kubalulekile ukuze ungabi nokuzisola kusasa.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA E**

Ngenkathi engena ekilasini uthishanhloko, akazange amfice uthisha uMoloi. Wathi uma ebuza kubafundi ukuthi ukuphi uthisha, bathi abamazi futhi bathi akazange angene ekilasini labo. Waphuma engena emakilasini uthishanhloko, kodwa lutho ukutholakala uthisha uMoloi. Kwathi noma ebuza kwabanye othisha ukuthi abazange yini bona bambone, nabo balandule impela. Kwahluleka ngisho sekuyobhekwa ekotishi, kodwa do ukutholakala. Kwathi ngesikade isikhathi kwaqhamuka umfundi owayesanda kufika nje wathi umbonile uthisha uMoloi egibela ithekisi elibheke eSiphingo. Kwazimuka ikhanda kuthishanhloko.

'Mh, useshaye wachitha ebalekela la mahlazo akhe! Ayikho kodwa impunga yehlathi.'

UThishanhloko wabuyela ehhovisi lakhe ukuyobikela abazali bakaDumazile ngalesi simanga.

'Indaba ithi ingaba nkulu ingazekeki! Uthisha uMoloi akasabonwa nangalukhalo. Sengimbheke yonke indawo kodwa lutho ukumthola. Kuyacaca ukuthi igazi limtshelile, washaya utshani.'

'Awu Nkulunkulu wami, bengivele ngishilo kodwa! Uyabona-ke Majwara? Akasekho lo muntu!'

**'Yehlisa umoya MaNdovela**. Yehlisa umoya mfazi kaKheswa.
Uyabona manje akusafuneki ukuba sixhamazele. Kufanele ukuba lolu daba siyolwethula emaphoyiseni ukuze siboshwe isigebengu lesi.' UMaNdovela naye abone ngaso linye noMaJwara.
Akabanga esachitha sikhathi, wathata wathi:

'Thishomkhulu, sizithola siphoqekile ukuba siyobika emaphoyiseni. Ayikho futhi enye indlela sukumani sihambeni makhosikazi!' Asho maqede bathi lacu.

[Isahluko sesi-3:43-44]

11.1 Chaza umsebenzi womlandi ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

11.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izigameko ezaholela ekutheni uthisha uMoloi agibele itekisi. (3)

11.3 Chaza isimo senhlalo esitholakala kulesi siqeshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.4 Qhathanisa uthando lukaMoloi analo ngoMisi Hlophe nothando lukaMoloi analo ngoDumazile. (3)

11.5 Uyazwelana nesimo uMaNzimande azithola ekuso sokushiywa nguSithole? Yikuphi ongakwenza uma ungabhekana nalesi simo? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

'Kanti wena uphuma ngasikhathi sini emsebenzini?'

'Ubuzelani?' esho uDumazile esebiphe esengubani!
Izinhlonze seziyimivingqi esiphongweni.

'Ngisho ngoba angisaqondi nqindi nasibhakela manje. Namhlanjena usheshile ukubuya. Izolo uphuzile ukufika, wafika sengilele, wabuye wahamba ngingakavuki. Kuthangi awubuyanga kwanhlobo. Ngabe sengishaya ucingo ngibuza esibhedlela ukuthi bakubambise i-ova yini, kodwa baphika. Sekuyangicacela-ke manje ukuthi kukhona lapho wena wawukade uye khona.'

'Ungabozixaka uzixukuze ngami. Mina ngiyisosha elizikhuzayo. Angithi uyabona lapha emunweni wami ukuthi angifake lucingo lwamuntu? Khohlwa-ke wukunakana nentombi kaNozulu nesikhathi efika ngaso.'

Wajuluka bume uSithole uma ecabanga ukuthi yini lena emvelelayo. Wehlisa umoya. Wacabanga:

'Kusho ukuthi uDumazile ufuna ukuba sishade naye ukuze ngikwazi ukuba nezwi kuyena. Nakhu ekhala ngobungekho bendandatho emunweni. Ehhe kusho lokho. Uyawufuna umshado.' Washo kwezakala:

'Kuzofanela siye kini siyohlela usuku lomshado.'

'Ini? Ushade nobani? Angithi wena uyindoda kaMaNzimande?' Aqale athule uSithole. Wabe esezwakala ethi: 'Ngizozama ukumdivoza uMaNzimande.'

'Uyakwazi ukudivosa ukuthi kubiza malini? Ngiyabuza, uyakwazi? Wawuhlaleleni ungamdivosi uMaNzimande? Sekuthi ngoba sewunguLazaru sewubona kufanele ukuba udivose? Phinde, phindela kuyena!'

'Ukhuluma kanjani uma ukhuluma kanjena mntakwethu?' kubalisa uSithole ezama ukuzehlisa ngoba eyibona seyiqonge kakhulu intokazi lena.

'Angiseyena umntakwenu mina. Sengizitholele i-*boyfriend* ethi mina!'

[Isahluko sesi-7:122–123]

11.6 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

11.7 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguDumazile ukuthi zimveza njengomlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

11.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMthovovo kule ndaba? (2)

11.9 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMtalaselwa ukuba walalela uMaShandu ngenkathi emyala ngoDumazile? (3)

11.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le noveli. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Ukuzikhethela impilo othanda ukuyiphila kubalulekile ukuze ungabi nokuzisola kusasa.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

Kwathi xhifi ku*Poppie* ezwa elaseShowe. Wakhumbula ukuthi isitimela saseShowe sisuka kwesikabhadakazi eThekwini nokuthi namatekisi aya eShowe avama ukugcwala kabi. Wakhumbula ukuthi umalume kaBafana akathandi ukuhamba ngamatekisi ngoba usakholwa yisitimela, futhi akezwani neze nabantu ababhemayo. Njengoba ethola lo mbiko walo mfana waseShowe kwabuya kuye isithombe sikamalume kaBafana ehleli esitesheni ilanga lonke elinde isitimela. Mhlawumbe umvangeli waseShowe wayezifundela iBhayibheli khona laphaya esiteshini, noma wayelibele ukuhuba izingoma zesonto. Izandla zika*Poppie* zavula ibhuku waqala wafunda kulo ngalo mfana waseShowe anduba aphendule unesi. Noma wayenduluza nje ebhukwini, wathatha wathi, 'Nesi Jali lesi siguli saseShowe sigula kabi. Make ngiyokudla. Ngothi ngingadla, ngiqale ngayo. *How is that my dear?'* Washo u*Poppie* wathi lacu wakhipha isikhwama sakhe ekhabetheni, isandla saphuthaza kabili kathathu sabuya nesibuko kanye nesipendazindebe esibomvu sagazi lembungulu. U*Poppie* wabamba isibuko ngesandla sobunxele wase edlalisa isipendazindebe ngesandla sokudla. Ebona ukuthi unesi Jali akahambi, wema ukwenza ubuso kancane u*Poppie* wathi, 'Yini manje nesi Jali?'
'Bengithi mhlawumbe umathiloni angadlula nje ngase-H uma eseya edineni.'
***'Impossible my dear'*** kusho u*Poppie* elungisa ibhande leyunifomu yakhe. 'Kufanele ngidlule kumathiloni Dladla le e-6A. Ungatatazeli nesi Jali uzokhathala.

[Isahluko sesi-4:55–56]

13.1 Chaza umsebenzi womlandi ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

13.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isigameko esaholela ekutheni unesi Jali angahambi uma ekhuluma no*Poppi*e kulesi siqeshana. (3)

13.3 Ngabe amazwi akhulunywa ngu*Poppie* abhalwe ngokugqamile akhombisa isimo senhlalo esinjani? (2)

13.4 Qhathanisa uthando lukaBafana analo ngezingane zika*Poppie* nothando analo ngezingane zikaMaMthunzi. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


13.5 Uyazwelana nesimo u*Melody* azithola ekuso sokuthola izingane engashadile/esemncane? Yikuphi ongakwenza uma ungabhekana nalesi simo? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

'Uyithatheleni imoto kathisha ungayicelanga?'
'Ubengeke anginike ukube ngiyicelile. Kodwa kungakuhluphi ukuthi ngihambe ngemoto ka*Miss Hawkins*. Phela bengizohelela. U*Miss Hawkins* ungithuma njalo ukuba ngimenzela lokhu nalokhu okungathi mina ngiyisisebenzi sakhe. Namuhla ngithe make ngithathe ibhonasi ngalokhu kungithuma kwakhe. Futhi naye ngimtshelile ngenkathi ngibuya ukuthi ngiyithatheleni imoto yakhe. Nothish'omkhulu ubengakwazi lokho ukuthi mina ngiyibhoyi lika *Miss Hawkins.'*
'U*Miss Hawkins* akakuthumi ngoba ethi uyibhoyi lakhe. Ukuthuma ngoba nakhu uyingane. Abantu abadala bayazithuma izingane, bezithuma kufanele ngoba bona bebadala.'
U*Miss Hawkins* ngumLungu. Akangithumi ngoba ngiyingane. AbeLungu basithuma thina ngoba bona bengabeLungu. Ngiye ngibone khona laphaya edolobheni abeLungu bethuma amadoda amadala, ayi ngoba bona bebadala, kodwa nje ngoba bona bengabeLungu. Mina-ke angenziwa njalo. Ngiqala manje ngiyenqaba ukuthunywa ngabeLungu. Wena baba ungakhathazeki ngezindaba zethu no*Hawkins*.'
'Ngingathini ukuba ngingakhathazeki ngazi ukuthi usemgwaqweni ngaphandle kwelayisensi yokuqhuba imoto?'
'Kulungile ngiyaxolisa ngokuthi ngishayele imoto ngingenamalayisense, kodwa angikuxoliseli ukuthatha imoto ka*Miss Hawkins* ngingayicelanga. Kuningi abeLungu abakuthatha kithi bengakucelanga. Angikholwa ukuthi leli zwe balicela abelungu kithi njengoba kusho *uMiss Hawkins*. Angikholwa ukuthi kungabe futhi bafika nalo leli zwe nezinkomo lezi thina esesiqhamuka ngokuba sizozeba njengokusho kwemibhalo ka *Miss Hawkins.*'

[Isahluko sesi-7:117–118]

13.6 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. (2)

13.7 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa ongu-Euthenasia ukuthi zimveza njengomlingiswa onjani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

13.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMadonsela kule noveli? (2)

13.9 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaBafana ukuba akamlalelanga uMaMsibi ngenkathi emyala ngokuthi aye eMpaphala? (3)

13.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le noveli. (3)
**[25]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

Ubuciko bomlomo bungenye yezindlela zokufundisa, ukuxwayisa kanye nokudlulisa umyalezo.

Fakazela lesi sitatimende ngokucaphuna izibonelo ezinembayo kulobu buciko bomlomo.

**Inganekwane:** 'Ikhubalo likaFukwe'
**Izibongo:** 'Izibongo ZikaGcina Mhlophe'
**Ihubo:** 'Awuqiqe Umthwalo'

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.

**ISIQESHANA I**

**IZIBONGO: IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE**

Isihlahla somdlebe esimayikayika,
Esiyikazela ngezinhlobonhlobo zezithelo,
Ngoba siyikazela ngobuhle be-Afrika.
Usihlahla esigabe ngezithelo zaso,
Umkhiwane omuhle ongenazimpethu
Eminye yoniwa zibungu.
Abadla kuso abadeli,
Nezithelo zaso azipheli.
Usihlahla abaphumula kuso
Bamila izimpande

Isihlahla esikhulise
Safukamel' izinyoni zase-Afrika,
Saye safukamela nezinyoni
ZamaJalimane namaNtaliyane,
Abadala nabancane bethi sixoxele.

Isihlahla abasibone eLandane basichelela
NaseNyuvesi yaseThekwini basivukuzela
Isihlahla esimpande zaso zisabalele
Zinabele kwejulile
Imithombo.
Amaqabunga aso
Akhephuzela uthando,
Sithe singesakwaMhlophe
Samane sabamhlophe
Siphethe okumhlophe!

[Ikhasi 127]

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA J**

**NEHUBO: AWUQIQE UMTHWALO**

| |
|---|
| **AWUQIQE UMTHWALO**<br><br>**IGOSA:** Awuqiq' umthwalo<br>**ABAVUMAYO:** Awuqiq' umthwalo lo<br>**IGOSA:** Umthwalo<br>**ABAVUMAYO:** Umthwal' awuqiq' um …<br>**IGOSA:** Awuqiq' umthwalo<br>**ABAVUMAYO:** Awuqiq' umthwalo |

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**INGANEKWANE: 'INGWENYA EDLA UTSHANI'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

**Umxoxi:** Kwesukasukela...
**Abalaleli:** Cosu!

Izinto zazingamhambeli kahle uMazinyo, ingwenya endala eyayihlala echibini. Umashayandawonye wawudlala ngaye. Inkinga yakhe kwakungukuthi zonke izilwane zazingasayingeni eyokuphuza echibini. Ichibi leli kwakuyindawo lapho uMazinyo ayezibambela khona izinyamazane zakhe uma zithi ziphuza amanzi.

Engabe zase ziphuza kuphi lezi zilwane? Izilwane ndini zase ziphuza emakhaya azo, sezinompompi bamanzi ngenxa yempucuzeko. Izinkawu kuphela ezase zifika ziyophuza echibini kodwa nazo zazingasondeli eduze. Zazifika ziphonse ipayipi bese zimunca amanzi zibuqamama.

'Yimihlola!' Wakhononda uMazinyo. 'Kanti impucuzeko injena? Yindlala yodwa?' wazibuza ezamula kabili, kathathu, kwaze kwakhala izikelemu esiswini sakhe. Yazamula yaze yaphathwa yisiyezi into kaMazinyo.

Kwaqhamuka okuyinkawana kwafike kwaphonsa ipayipi, kwamunca amanzi. Kwathi makaqhume ukudinwa uMazinyo, kodwa wazibamba.

'Kodwa Nkawana sewungaze ube yivaka kangaka ngikwethembile!' kwabubula uMazinyo.

'Uhambe kabi Mazinyo, ngeke ungithole. Ukube nginguwe ngabe ngizidlela utshani,' yasho inkawu yashaya isishwapha sayo yasithela ezihlahleni.

UMazinyo waphuma echibini wathi ukulula imicondo yakhe. Wathi uma ephonsa amehlo ngaphesheya wayibona impala ikha amanzi empompini. Wakhumbula amazwi enkawu, '*ukube nginguwe ngabe ngizidlela utshani.*'

Downloaded from Stanmorephysics.com

| |
|---|
| Ngokuphazima kweso, uMazinyo wacabanga isu. Wamemeza, 'We mngani wami Mpala! Uyayibona ukuthi imnandi kanjani impucuzeko? Awusadingi ngisho ukuyophuza echibini elingcolile. Mina impucuzeko ingisize kabi. Angisayilokothi inyama. Asisekho isidingo sokucathamela izilwane zeNkosi.<br>Ngiyincwasimende manje. Sengiphucuzekile, sengidla utshani nemifino!'<br>Impala yamisa amadlebe ukuze izwisise kahle. 'Awuphinde, uthini?' yasho ibuza.<br>[Ikhasi 76–77] |

15.1 Gagula isizinda sale nganekwane ngokwesikhathi. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (1)

15.2 Chaza kafushane ngezinto ezabe zenza uNkawana eluleke uMazinyo ngokudla utshani ngokwakulesi siqeshana. (2)

15.3 Qhathanisa umsebenzi womlandi otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana kanye nalowo osesiphethweni sale nganekwane. Bhekisa kumlingiswa onguMazinyo. (3)

15.4 Chaza ngokusetshenziswa kwengwijikhwebu etholakala kule nganekwane. (2)

**KANYE**

**INGANEKWANE: 'UNONSIKELELO'**

Fundisisa lesi siqephu senganekwane esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA L**

| |
|---|
| 'Ukhona umuntu okade elapha. Nginesiqiniseko salokho. Angazi ngoba sakuyala kahle ngesikhathi sikuthola ukuthi ungavumeli muntu ozongena lapha ngaphandle kwethu,' lasho ngokuthukuthela elinye izimu.<br><br>Amazimu ajezisa uNonsikelelo ngokunquma umsila wengubo yakhe, abuye amsusa embhoshongweni ayomhlalisa phakathi kwehlathi lapho engazi khona. Amazimu athatha umsila wengubo ahamba nawo. Wahlala enesizungu uNonsikelelo ngoba engasavakashelwa yinkosana.<br>Ngelinye ilanga elinye lamazimu lagibela embhoshongweni ngobukhulu ubuhlakani. Lathi lisahleli selifikelwa ubuthongo, lethuswa umsindo womculo.<br><br>'*Nonsikelelo! Nonsikelelo!*<br>*Nkosazana yehlathi,*<br>*Siphalaphala esibambezela umuntu emuka namanzi.*<br>*Yehlisa umsila wengubo!*'<br><br>Lathuka kakhulu, lasukuma lalunguza ngobunono. Lawehlisa umsila wengubo kaNonsikelelo izimu. Wehlika kancane waze wayothi cababa phansi njengasemihleni. Yabambelela indodana yenkosi, yakhuphuka. Yathi seyizongena embhoshongweni, izimu lalunguza ngefasitela. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


'Mameshane! Ngumuntu!' Lasho izimu likhuluma lodwa futhi lithukile. Dedeliyane umsila, indodana yenkosi yaphahlazeka phansi. Yashayeka ngobuso yaquleka. Yaphaphama ngemuva kwesikhashana.Yahamba iduka nehlathi ingazi ukuthi iyaphi. Kwezinye izindawo yayijika iphindele emuva ngoba izwa umsindo wokugobhoza kwamanzi. Yahamba yehla yenyuka inkosana yaze yafika lapho uNonsikelelo elahlwe khona ngamazimu. UNonsikelelo wayibona inkosana wazama ukucasha ngoba engafuni ukuthi imbone. Wayecabanga ukuthi inkosana izothi ayisafuni lutho oluyihlanganisa naye. Ukuzama ukucasha kukaNonsikelelo akusizanga ngoba inkosana yayivele isimbonile. Yajabula kabi inkosana ibona uNonsikelelo. Yathi njengoba yayithembisile, izomkhipha kulolo sizi ayekulo ihambe naye iye esigodlweni senkosi ukuze abe yinkosazane yesigodlo.

Inkosana yathatha uNonsikelelo yahamba naye yaya esigodlweni senkosi yafika yashada naye. Kwathi ngokufa kwenkosi, inkosana yaba yinkosi yesizwe, uNonsikelelo yena waba yindlovukazi. Baphila bejabulile zonke izinsuku zokuphila kwabo.

**Umxoxi:** Cosi, cosi iyaphela.
**Abalalele:** Yaze yamnandi le ndaba!

[Ikhasi 41]

15.5 Nikeza OKUKODWA okutholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana okuveza ukuthi lo mbhalo uyinganekwane. (1)

15.6 Chaza kafushane ngokwenza amazimu ajezise uNonsikelelo. (2)

15.7 Ucabanga ukuthi kungani umxoxi asebenzise isu lokuphindaphinda iculo elitholakala kule nganekwane? (2)

15.8 Phawula ngempumelelo yomxoxi ekwethuleni isulubezi kule nganekwane. (2)

**KANYE**

Fundisisa la mabinza acashunwe ezibongweni, emahubeni kanye nasezishweni bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

**ISIQESHANA M**

**IZIBONGO: IZIBONGO ZENKOSI UDKT. SIBONGILE ZUNGU**

Injini kagandaganda omanxakanxaka
Oth' ushayiswa umuhluzwa
Kwafana nokuthela amanz' edadeni;
Igiya eliya phambili liyangena
Eliy' emuva alingeni.
Ugandaganda omagiy' aya phambili,
Ugandaganda ongayi emuva.
Isihlahl' esigabe ngezithel' ezimnandi
Inguduza edukuze efwini kwakhanya
Yakhomba indlela kwabona nemvukuzane.
Zachwensa izichwensi zokuchwensa
Badelel' abazazi bona,
Wagwiny' amathe, uDokotela,
Wakhwehlela kanye, zehla izihlathi.

[Ikhasi 123]

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA N**

**IHUBO: SENZENI**

| | |
|---|---|
| **Igosa:** | Senzeni na? |
| **Abavumayo:** | Senzeni na? Senzeni na? |
| | [IKhasi 151] |

**KANYE**

**ISIQESHANA O**

**ISISHO**

| |
|---|
| Ukuba umtshingo ubethwa ngubani. |
| **INCAZELO: Ukuba ngumuntu ongenamuntu azothola kuye usizo/ukuba yintandane/ukuba sesithubeni.** |

15.9 Nikeza okufanayo okuqukethwe umugqa wesi-4 kuya kowesi-7 ezibongweni ezingenhla. (2)

15.10 Qhathanisa izenzo zenkosana enganekwaneni ethi, 'uNonsikelelo' nalezo 'zeNkosi uDkt. Sibongile Zungu' ezikulezi zibongo ezingenhla. (3)

15.11 Chaza ukuthi ihubo elithi, 'Senzeni' lixhumana kanjani nenganekwane ethi, uNonsikelelo. (2)

15.12 Xoxa ngokusetshenziswa kwesisho esingenhla mayelana nempilo kaNonsikelelo. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com



**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Awukho umuzi ongenazo izinkinga zawo.

Fakazela lesi sitatimende ngokucaphuna izibonelo ezinembayo emdlalweni othi, *Kudela Owaziyo.*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA P**

*(Ntambama, emzini kaChivenga kwaHlomendlini, uChivenga uvakashelwe uHlengiwe. Bahlezi kusofa ekamelweni lokuphola. Bayaxoxa.)*

HLENGIWE: *(uyamoyizela)* Ngizwile ngosibhincamakhasana mkhaya ukuthi ubuyile izolo kusihlwa okungangoba busebunye nje kuphela ubusuku osabulale lapha ekhaya selokhu ubuyile.

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Ngibuyile nje lokho okungasho lutho mkhaya, nakuba- ke isimo siya ngokwenyukela nje MaHlengi …

HLENGIWE: *(umangele)* Hhayi bo! Kanti uphume esibhedlela ungakelapheki yini mfowethu?

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Ngiyakubona nje lokho mkhaya futhi-ke angikungqizi qakala ngoba sengicishe ngifinyelele eqinisweni lokuthi kubangwa yini. Okuyiyona nto engiphethe kabi emoyeni Ntombi wukuthi angilalanga neze ebusuku bayizolo, Kwale ngisho sengibuzwa ubuthongo bubaba emehlweni kodwa abangehla ngendlela efanele ngagcina sengilele obenyamazane

HLENGIWE: Tshela mina wena mkhaya, bese kuvuke izinhlungu zama ngezinyawo yini lapha esandleni?

CHIVENGA: *(usikhuluma ubukwererkwere isiZulu)* Cha, ngithena ake sibubeke eceleni lokho. Okuyikhona ngempela okubangele ukuba bungehli ubuthongo yileli vumakabili ebelilokhu liqubula izikhawu lapha enhla komuzi … *(aphazamiseke)*

HLENGIWE: *(ngezwi eliphakeme, useqwebula amehlo, umangele)* Hhayi wena bo! Ivu-maka-bili? Ingani yinyoni yabathakathi nje leyo?

CHIVENGA: *(sikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Nakho-ke njalo ngikulandisa. Inkosi impela angikwazi okufana nalokho mina. Belilokhu liqovumula ivumakabili lansondo kuze kube sengathi libhadla emathunjini. Kuzisho khona phela ukuthi kukhona umuntu kumbe abantu abangangithandi kule ndawo engingathi nje bamelene nami.

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu Sesi-4: Ikhasi 83-84]

Downloaded from Stanmorephysics.com


17.1 Nikeza isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana. (1)

17.2 Gagula isenzo esikhombisa ukuthi uHlengiwe uyamkhathalela uChivenga ngokwalesi siqeshana. (2)

17.3 Chaza kafushane imbangela yesimo senhlalo esingesihle kulesi siqeshana. (2)

17.4 Chaza isigameko esasifihlelwe umlingiswa onguHlengiwe mayelana noChivenga owayezenza umngani wakhe. (2)

17.5 Qhathanisa isenzo sokushintshwa kwepasi likaHlengiwe kanye nokuvama kwezigameko ezinjengaleso kuleli lizwe. (3)

17.6 Xoxa ngokuthi lalibikezela ini ivumakabili empilweni kaChivenga. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA Q**

*(Ewadini yimbe esibhedlela KwaDukuza uChivenga ulele ngohlangothi uzwela ubuhlungu. Kuwo lowo mnyama kutheleke uHlengiwe embhedeni kaChivenga ehambisana nomhlengikazi osebenzela kule wadi okungeniswe kuyo lo Chivenga wansondo. Afike amethule esigulini lesi umhlengikazi uHlengiwe lona maqedane abashiye khona manjalo bexoxa.)*

HLENGIWE: *(ubukeka enokudabuka)* Mehlo amhlophe sithandwa sami. Ngizwile ngezibuhlungu ezikuvelele yingakho nje sengiqome ukuyishiya yonke imisebenzi yami yosuku emuva ngeza lapha kuwe ukuzokubona.

CHIVENGA: *(uzinika ubunzima nxashane ekhuluma, wenziwa yizinhlungu)* Usebenzile wazongibona mayitukluza yikhona izoke idambe nale minjunju engiphethe. Sewungithobe amanxeba ngokukubona thambo lami le-*Kentucky*.

HLENGIWE: *(ngezwi elinozwelo)* Khona ngempela-ke uzizwa unjani egazini?

CHIVENGA: *(uzinika ubunzima nxashane ekhuluma, wenziwa yizinhlungu)* Khona akusefani mntakwethu. Amaphilisi kanye nemijovo ngihlangatshezwe ngakho ngisanda kufika, kuwenzile umehluko. Yona ibingishayile le nja enguMemela kodwa-ke sekuyoba ngozimakhaza. Ngicabanga ukuthi kungekudala nje ngizobe sengilukhahlela lolu khukho lokufa maqedane ngivuke ngizicoshe …

HLENGIWE: *(ngezwi lokujabha)* Akube njalo ngempela sithandwa senhliziyo yami. Phela nempilo sengiyizwa inesizungu ngempela sithandwa lapha phandle ngaphandle kwakho, ngakho-ke sengathi iNkosi ingasheshe yenze umusa ithobe lawo manxeba iphinde ibohlise leyo minjunju ebangelwa ukugoklozeka khathi isitha sisina sizibethela kuwe.

[Inkundla Yesi-5, Isigcawu Sesi-2: Ikhasi 97–98]

17.7 Nikeza imbangela yesigameko sokulaliswa kukaChivenga esibhedlela ngokwalesi siqeshana. (2)

17.8 Xoxa kafushane ngomoya ovezwa nguChivenga kulesi siqeshana. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

17.9 Ngabe izenzo ezenziwe nguMdaluli empilweni kaChivenga zimveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

17.10 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMbhebhezeli kulo mdlalo? (3)

17.11 Ucabanga ukuthi ukube ubunguMdaluli usuphelelwe umsebenzi wawungathatha siphi isisombululo esingemukeleka? Sekela impendulo yakho. (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Asikho isizwe esingabi nezinkinga zaso.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kulo mdlalo othi, *Awuwelwa Umngeni.*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA R**

*(Kusenkantolo eMshwathi. Kungena uSalimani. Uphahlwe oMbongolo noNodwengu. Bona balandelwa oMcondo, noGundane, noMcanjana. Bona balandelwa uSikhova ohola uPhehlitshe neZinyathi neMbabhe. UMakhwelantaba uvivi phandle. Ononggayi bayaphithiza. Bayaphuma bayangena. Bayaphambana.)*

SALIMANI: *(ungena nabafowabo uqonda ebhentshini eliphambili.)*

AMABUTHO: *(ahlala kwamanye amabhentshi. UPhehlitshe uma ngezinyawo aqaqele ngezindonga. Kuthule kuthe cwaka.)*

ONONGQAYI: *(kungena iviyo labo lengama iminyango yonke abanye baqaqela phezulu lapho kuhlala khona imantshi uma ithetha amacala.)*

NONGEJENI: *(ungena uqonda kuSalimani. Uyakhuleka. Uyakhothama.)* Imantshi ithi angikucele uwakhiphele phandle amabutho akho. *(Ukhulumela phansi.)*

SALIMANI: *(enikina ikhanda.)* Ngeke ngiwakhiphe. Aphelezela mina. Ononggayi bakhe abathe uthe abongingenisa lapha nengihamba nabo.

NONGEJENI: *(ethithiza uyaphakama uyophuma. Ukhuluma noNongqayi ukhulumela phansi. Uyaphuma.)*

SALIMANI: *(uhlanganisa amakhanda kuqala noMbongolo, kamuva noMcondo. Bakhulumela phansi.)*

ZITHULELE: *(ungena uholwa onongqayi abangosayitsheni ababili ulandelwa uNongejeni.)*

UNONGQAYI: Sukumani!

ZITHULELE: *(uqonda esihlalweni sakhe. Osayitsheni bema ngapha nangapha kukaZithulele. Ngenhlana kwamabhokisi elofakazi nelombekwacala.)*

NONGEJENI: *(uyahlala esihlalweni sofakazi.)*

ZITHULELE: *(uyasukuma esihlalweni wehlela lapho kuhleli ngakhona uSalimani. Ubambelela epulangweni ngezandla zombili uqhweba uSalimani.)*

SALIMANI: *(uyasukuma uqonda kuZithulele.)*

ZITHULELE: *(ekhulumela phansi)* Khipha amabutho akho aphumele phandle. *(Ukhomba phandle.)*

SALIMANI: *(enikina ikhanda.)* Ngeke ngikwenze lokho.

[Inkundla Yesi-3, Isigcawu Sesi-4, ikhasi 96–97]

Downloaded from Stanmorephysics.com



19.1 Gagula isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana (1)

19.2 Nikeza isenzo esikhombisa ukuthi uNongejeni uyayihlonipha iNkosi uSalimani ngokwalesi siqeshana. (2)

19.3 Chaza kafushane ngesimo senhlalo esithokala kulesi siqeshana. (2)

19.4 Chaza isigameko esasifihlelwe amabutho eNkosi uSalimani ngenkathi ekwaVimbingwenya. (2)

19.5 Qhathanisa ubuholi bukaMphiliphili noNomehlo kulo mdlalo. (3)

19.6 Phawula ngesenzo seNkosi uSalimani sokudlulisela icala emajajini aseMgungundlovu. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA S**

*(Kusenkantolo yamajaji eMgungundlovu. Inkantolo igcwele iyaphuphuma. Ijaji lihleli endaweni yalo ephakeme. Abasizi balo ababili bahleli omunye ngala nomunye ngalena kwalo. USalimani uhleli esihlalweni esiphezulu ngasohlangothini lwabazolalelisa ummangalelwa. UMandiza uhleli esihlalweni esimaphansi phambi kukaSalimani. UNomehlo noMcondo bahleli baphahle uSalimani. UNomehlo ulandiwe esitokisini. UMgqabula uhleli esihlalweni esiphezulu ohlangothini lwabazolalelisa ummangali. UZithulele, uNgoza noMphiliphili bahleli emuva kukaMgqabula. USomtsewu uhleli eduze kukaZithulele. UNongejeni umi kude buduze nejaji. UMshushisi uhleli maphansi phambi kwejaji. Isizwe sikaSalimani sithe shaye emabhentshini emuva kwakhe. Phakathi kwaso naye kuhleli abanye abafowabo nozalo. Onongqayi bami ngaphakathi enkantolo abanye baphahle iminyango yonke ngababili nangabane. Abanye bayaphithiza phandle baqaphile.)*

IJAJI: *(Iedlulisela amanye amaphepha kubasizi balo. Lifunda amanye aphambi kwalo litolikelwa.)* Icala elizodingidwa licutshungulwe Iedluliselwe kule nkantolo yamajaji yinkosi uSalimani. *(Liyaqhubeka nokufunda litolikelwa.)* Icala lalimangelwe nguMgqabula emangalele uSalimani nabantu bakhe, ethi bahlasela abantu bakhe babashaya babalimaza kabi. *(Liyaqhubeka nokufunda litolikelwa.)* Inkantolo yaseMshwathi elalithethwa kuyona leli cala yamlahla uSalimani.
*(Liyaqhubeka liyafunda litolikelwa.)* Ngokobufakazi obethulelwa inkantolo ngummangali mhla lithethwa leli cala abantu bakhe babezihlalele bengazelele lutho. Basukelwa abantu bakaSalimani babahlasela. Abantu bakaSalimani (*abahlaseli*) babeholwa yinduna yakhe uNomehlo. *(Liyaqhubeka liyafunda litolikelwa.)*

[Inkundla Yesi-3, Isigcawu Sesi-4: Ikhasi 108]

19.7 Nikeza imbangela yesigameko sokuba senkantolo kwalaba balingiswa abakulesi siqeshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


19.8 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenziwa iNkosi uSalimani ukuze izwe lakhe oVimbingwenywa noMkhabela bangathathwa nguhulumeni. (3)

19.9 Ngabe izenzo zabafowabo benkosi uSalimani ngesikhathi sokuthethwa kwecala zibaveza njengabalingiswa abanjani? Sekela impendulo yakho. (2)

19.10 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguNongejeni kulo mdlalo? (3)

19.11 Ukuba wawuyinkosi uSalimani ngabe yisiphi isinqumo owawungasithatha emuva kokuthethwa yicala? Sekela impendulo yakho. (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Awukho umuzi ongenazo izinkinga zawo.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka emzini kaThamsanqa benoPhindisiwe.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

**ISIQESHANA T**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

*(UNkululeko unoKholekile enye yezintombi zakhe.)*

NKULULEKO: *(Engena egulukudela emnyango.)* Kuhamba kanjani sithandwa sami *(Emqabula)*

KHOLEKILE: Izinto zihamba ngokohlelo ndoda. UPhindisiwe ngimsanganise ngimqedile. Ukholwa yiyona yonke into engiyishoyo.

NKULULEKO: *(Ehleka kancane)* Akusekho ukubuyela emuva kuyena. Le mali kufanele siyithole nakanjani bese sibuya ngapha kuThamsanqa nakuyena senza leso.

KHOLEKILE: Ugcine evumile uPhindisiwe ukuthi uThamsanqa akagudluzwe ngoba angeke esaluthola uxolo lwakhe. Ngeke ahlale iminyaka emihlanu yonke nendoda kepha aphume engaphethe lutho esandleni?

NKULULEKO: Ngibuya kuyena namanje. Ingqondo yakhe iyazululeka nje. Ngimdonse ngendlebe ukuthi angalokothi enze obunye ubulima ngoba uyodliwa yinhlamvu uma eke wazisa amaphoyisa.

KHOLEKILE: Uhlakaniphile phela uPhindiswe ucabanga ukuthi angazosa emlilweni?

NKULULEKO: Engikubonile nje ingathi unovalo. Ukukhuluma kwakhe okwakuqala akusafani nokwanamuhla. Ngibonile nangale nkathi ephuma uThamsanqa izinyembezi bezigcwele amehlo.

KHOLEKILE: Ngokubona kwakho usefuna ukuguqula umqondo?

NKULULEKO: Kunzima ukusho. Into engimtshele yona ukuthi angalokothi enze into ewubulima, uma enza njalo uyasazi isivumelwano sethu.

KHOLEKILE: Kangiboni ukuthi angaguqula umqondo. Ngizwile uma ngikhuluma naye ukuthi uzoyenza le nto oyifunayo ngoba ekwesaba futhi esebona ukufa kumcathamela uma angake abhayize.

NKULULEKO: Wenze kanjani ukuze akwethembe?

KHOLEKILE: Ngingubani kanti mina? Usungikhohliwe yini?

NKULULEKO: Phendula umbuzo hhayi le nto ongibuza yona. Phela kufanele siqikelele ukuthi uyalithenga ngokuphelele icebo lethu. Kufanele azi ukuthi ukungena kwethu egodini sihamba naye.

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu Sesi-2, ikhasi 83–84]

Downloaded from Stanmorephysics.com


21.1 Nikeza isizathu sokuhlangana kukaNkululeko noKholekile ngokwalesi siqephu. (1)

21.2 Shono umsebenzi womlandi otholakala kulesi siqeshana. (2)

21.3 Chaza kafushane imbangela yesimo senhlalo esihle kulesi siqeshana. (2)

21.4 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguSarah kulo mdlalo mayelana nesenzo sikaPhindisiwe sokuntshontsha imali ebhange. (2)

21.5 Qhathanisa isenzo somlingiswa ongumuntu wokuqala nomlingiswa ongumuntu wesibili ngaphandle ebhange ngenkathi oNkululeko bentshontsha imali. (3)

21.6 Uyazwelana yini nomlingiswa onguThamsanqa ngokuthi asheshe athathe isinqumo sokushadelwa uPhindisiwe kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA U**

PHINDISIWE: *(Isibhamu simgqolozele emehlweni.)* Vula bo mngane wami nguPhindisiwe. *(Kuvuleka umnyango)*

SARAH: Ekuseni kangaka mngane wami uliqhamukisaphi bo? *(Izibhamu zimgqolozele emehlweni kuze kuqathake nezibuko akade ezifakile.)* Kanti kwe … *(Ngokushesha Kungene nezinsizwa ezimbili zimsunduzele kusofa oseduze.)* Sssh … *(Isibhamu sihlale phezu kwekhala.)* Hhawu ningangibulali bafowethu kwenzenjani?

MAQOMA: *(Ngesikhulu isankahlu lesi.)* Nawe ungasichitheli isikhathi. Letha isikhiye sasebhange ungalokothi ubange umsindo uvuse nezingane zilele.

SARAH: *(Esukuma eqhaqhazela)* Yebo … yebo … si … si … sisekamelweni.

MAQOMA: Liphi ikamelo lakho, kunobani futhi? Khuluma!

SARAH: *(Sekuhlengezela izinyembezi. Ekhomba.)* Yilona leli esibhekene nalo. Ngicela ninga…

MAQOMA: *(Emhlala emadevini)* Musa ulokhu ukhuluma ngithe kunobani ekamelweni?

SARAH: *(Ebabaza okomuntu ofuna ukuquleka.)* Hhawu Nkosi kanti ngenzeni? *(Athuswe yiso likaMaqoma elimgqolozele.)* Ngingedwa.

MAQOMA: Ukhulumisa okomfazi ogane esithenjini. Uyisotsha elizikhuzayo kanti? Sukuma! *(Emuthi gqaku ngesibhamu.)*

SARAH: *(Kubophene amadolo)* Ye… yebo

MAQOMA: *(Emgqula ngesibhamu ehamba naye ekamelweni.)* Shesha, ungalokhu utatabuka okwesalukazi futhi ungalokothi wenze ubulima umemeze ngoba ngale nto ngiyobusakaza ubuchopho bugcwale indlu, bayothi bekuthola ishoba liyobe lilele umbethe. Akusheshe!

SARAH: *(Esehlengezela izinyembezi)* Ku … ku … kulungile. *(Aphuthaze ngezandla ezinedumbe esikhwameni sakhe asithole asinike uMaqoma.)* Nasi!

MAQOMA: *(Esihlwitha)* Letha lapha. Phuma. *(Amqhube ayomhlalisa kusofa asukume kuwona ngenkathi eyofuna ukhiye.)* Niyabona-ke madoda *(Ekhomba uKhabalethu)* izinto sezime ngomumo-ke manje.

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu Sesi-4, ikhasi 91]

Downloaded from Stanmorephysics.com

21.7 Nikeza imbangela yesigameko sokuba kuhlaselwe uSarah ekuseni ngovivi. (2)

21.8 Xoxa kafushane ngomoya otholakala kulesi siqeshana. (3)

21.9 Chaza isenzo sobuqili esenziwe oMaqoma kulesi siqeshana. (2)

21.10 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMakhangela kulo mdlalo? (3)

21.11 Ucabanga ukuthi yisiphi isisombululo esingaqeda umkhuba wokuthi abantu uma bebuya ejele baphinde benze amanye amacala azobaphindisela khona? Sekela impendulo yakho. (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE**

**'ISIZIBA SENHLAKANIPHO' – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-40 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isitatimende, ahlaziye abhekise enkondlweni ebuziwe.)**

Kuyiqiniso ukuthi uma umuntu efuna ukufunda kumele adele konke njengoba imbongi idele ikhaya iyofuna ulwazi.

Imbongi inethemba lokuthola ulwazi ngokuvuka ekuseni kakhulu ukuze iye esikhungweni semfundo njengoba ithi, **'Kusempondozankomo** …'. Imbongi iyayilangazelela imfundo ngoba iyaphokophela ngokuhamba indlela ende iyofuna kwezinye izindawo ezikude nekhaya njengoba ihamba yenyusa **'amaqele'** ihamba le ndlela ukuze iyothola ukukhanyiseleka engqondweni ngemfundo ejulile yingakho ithi, **'Ngiyoncel' amanzi ngobhaqa**.'

Imbongi ibuye ikhombise ukudideka ngenxa yokuthi imfundo iyadida ngoba akukho muntu ongathi usefunde ngokwanele usazi yonke into emhlabeni njengoba ithi, **'Uyimpambankwici weNjulase.'** Imbongi inentshisekelo ngenxa yokuthi yona yakhetha ukuqhubeka nokufunda yashiya owabo/ontanga bezidlalela **'osebeni, bedoba izinhlanzi'**. Imbongi iyabalisa ngenxa yokuthi iyokuthola nini ukuphumula ngoba nomzimba usuyazwela ukukhathala ngokuba ihlezi ifunda njalo yingakho ithi, **'… osufohlok' umhlandla.'**

Imbongi ikhombisa ukuba nethemba lokuthi kungenzeka kube khona abangafunda balithole iqiniso noma ulwazi ngale ndida eyimfundo njengoba ikhuluma nge**mfumbe nempicabadala'**. Iphinde imbongi ibe nethemba lokuthi mhlawumbe uma seyidlulile emhlabeni abasele bayokwazi ukuthola iqiniso ngokujula kwemfundo.

Imbongi iyaqhubeka ibonakala inokudideka ngoba isho ukuthi imfundo '**iyimpicabadala'** ngenxa yokuthi imfundo iyinkinga kubantu abancane nakwabadala ngoba ngisho noma ifundisiwe kepha luyakhohlwakala ulwazi olufundile.

Imbongi ikwazile ukukhetha amagama agqamisa umoya. La magama agqamisa umoya wokulangazelela, wokudideka nentshisekelo. Imbongi ephokophelele ngayo ukuzuza imfundo ephezulu etholakala ezindaweni ezikude.

**[Ohlolwayo angasebenzisa namanye amagama akule nkondlo]**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'UTHUNYWE NGUBANI?' – KNN Gcumisa**

2.1 Umbizi / i-Aphostrofi
Imbongi ikhuluma nokufa engathi ibhekene nakho ngqo.

[Nikeza amamaki amabili uma esigagulile isifengqo wanikeza nencazelo] (2)

2.2
- Umqondo oqukethwe umugqa wesi-4 owokuthi la mandla amakhulu kangaka kuwatholaphi ukufa.
- Emgqeni wesi-5 ilinganisa amandla okufa namandla anjengawamabutho akwaMandlakazi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umqondo wemigqa] (2)

2.3 Imbongi ibihlose ukukhombisa ukuxakeka/ukudideka yilobu bubi namandla ukufa okunawo angaziwa ukuthi akwazi kanjani ukubulala nabantu abadala nabaphile saka.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso] (2)

2.4 Le migqa ingelekelele ukuqonda ukuthi imbongi inomoya wokudideka/wokudumala/wokukhathazeka ngenxa yokuthi abanye bayakwazi ukuthi ukufa sekuke kwavakasha bengazange bavume ukuthi bavakashelwe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya] (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukusethulela indikimba yokufa ngoba ikhuluma nakho ngqo ukufa. Ize izibuze nemibuzo engadingi mpendulo mayelana nakho. Isho nokuthi akukhethi kuthatha abancane kanye nabadala futhi baningi asebezithole behlaselwa ngukufa.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngendikimba yokufa] (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'IDWALA LIKASHAKA' – JM SIKAKANE**

3.1 Ukwenzasamuntu/isenzasamuntu.

[Nikeza imaki elilodwa uma esishilo isifengqo] (1)

3.2 Umqondo oqukethwe yibinza lesi-3 owokuthi kuleli dwala kulapho iNkosi uShaka abikezela khona ukuqhamuka kwabelungu okwabe sekwenzeka nangempela sebelunguza olwandle ayebabone emi phezu kwaleli dwala.

[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kafushane umqondo] (3)

3.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa le-enjambamenti ukuxhumanisa umqondo oqale emgqeni we-14 kuya kowe-16 nokufunda ngokushesha/ukunganqamuli umqondo/ukwakha ilukuluku.

[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso ye-injambamenti wasekela] (2)

3.4 La magama angelekelele ukuba ngiqonde umoya wokuzigqaja. Imbongi izigqaja ngemvelo eyidwala equkethe umlando wesizwe lapho amabutho ayeziqeqeshela khona.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile umoya wasekela] (2)

3.5 Imbongi iphumelele kahle ukudlulisa indikimba yobuqhawe/yomlando weNkosi uShaka eyabumba isizwe samaZulu ngendlela enobuhlakani isebenzisana nebutho layo, yalinda ukufika kwabelungu ukuze ivikele isizwe sayo.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngendikima wesekela] (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'UCU OLUMHLOPHE' – CT MSIMANG**

4.1 I-okzimoroni

[Nikeza imaki elilodwa uma egagulile isifengqo] (1)

4.2 Imvumelwano siqalo 'Lu …' idala umgqumo omnandi osamculo ogcizelela ukuthi lolu cu yilona oluhlanganisa izithandani futhi luyisivumelwano salokho ezikuthembisile.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ngemvumelwano] (3)

4.3 Isenzasamuntu sinomthelela wokuthi ngiqonde ukuthi uthando luqala kancane kancane. Intombi ize ibe namahloni okuyibuka ngqo insizwa ezinhlamvini zamehlo njengoba emsulwa, ethambile, enganasici futhi edinga ukuphathwa kahle inakekekelwe.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngesenzasamuntu] (2)

4.4 Ngicabanga ukuthi umyalezo uthi, 'uthando luphathwa kahle'/uluhloniphe uma ungalwazisi noma ungaluphathi kahle nangenhlonipho luyogqashuka okuwuphawu lokuphela kothando bese konakala izinto kakhulu zibe inhlakanhlaka zingalungiseki.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umyalezo wasekela] (2)

4.5 Le nkondlo inesigqi esinensayo ngenxa yomoya wokukhathazeka kwentombi ebhekene nobunzima bokuhlulwa uthando lwensizwa. Ibuka ubunzima okumele idlule kubona uma yakha lolu cu oluwuphawu lothando uma isiqoma insizwa. / Siyanensa ngenxa yomoya wokuzwa uthando alwakhayo uze amxwayise kanti inemigqa eminingi evalelike, eminingi imigqa inamagama amane.

[Nikeza amamaki amabili uma esihlaziyile isigqi wasekela] (2)
**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'YEBO-KE NSIZWA' – GC NYANDA no JJ THWALA**

5.1 **U**ncoma ubuhle ubabaza ubuhlakani,
**U**hluphekile impela ngiyezwa,
Imvumelwanosiqalo.

[Nikeza amamaki amabili uma etomulile washo uhlobo] (2)

5.2 Imbongi isebenzise isikhawu/isizura u- '**,**' ukuphumula nokuhlukanisa ukuveza ubunzima bendlela le nsizwa esiyihambile yeshela, ifuna uthando kule ntombi.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwesikhawu/isizura] (2)

5.3 Imbongi isebenzise ukuxhumanasiqalo kanye nokuxhumanamaphakathi '**Noma ngingenawo …'** ukugqamisa /ukugcizelela ukuthi noma ingenabo ubuciko nobugagu bokuqophisana nale nsizwa eyiseshel i kepha inakho efisa ukukusho.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuchazile ukusetshenziswa kokuxhumana] (2)

5.4 Imbongi ihlose ukuqhathanisa izigaba zokukhula kwentombi ukuthi lo oweshelwayo angeke avume ngisho noma ngabe ukusiphi isigaba okungaba esokuqoma noma esokudlulelwa yisikhathi sokugana.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusebenza kwamagama] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukuveza umqondo wothando ngoba ithi noma ngabe isisezingeni lokuthanda umuntu wesilisa kepha yona ayinalo uthando lwale nsizwa. Iphinde ithi ukugqoka kahle kwayo akusho ukuthi isuke ifuna ukuheha le nsizwa ngoba ayikakafuni ukugqoka izingubo ezinde nokuthwala ekhanda. Yingakho-ke ithi lobu buhle obubonwa yile nsizwa obokujabulisa abanye abantu.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile wasekela] (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kule noveli.)**

Kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo abayiphilayo okube nemiphumela eyahlukene.

UMhlengi Ngidi uyisoka likaNontobeko unothando lokuphila impilo yokuba ngumuntu wesifazane. Ngaphambi kokuba ayoziguqula ubulili akavele nje anyamalale emehlweni kaNontobeko kepha ufika efulethini lakhe umtshela ukuthi mabehlukane nakuba engamtsheli isizathu. Uphinda wenza ubulungiswa uya kuManqoba Ngidi, uyise, ngenhloso yokumtshela ngempilo ayiphilayo. UMhlengi ulalela uNgidi uma emkhombisa isipho sakhe amthengele sona, ipulazi. Kunokuba asijabulele isipho ubuza uNgidi ukuthi umthanda ngokweqiniso na? Uma evuma uNgidi uMhlengi umtshela ukuthi u*'gay'*. UNgidi uyamxosha. UMhlengi uyaxolisa, umtshela ukuthi uyamthanda njengoyise kepha uphuma esenyobozela, abuke umuzi wakubo kwangathi uwubuka okokugcina.

UNontobeko uyehluleka ukwamukela ukwaliwa nguMhlengi, wephula ilungelo lokuphila ngoba uphuma efulethini lakhe uziphonsa emgwaqeni, ashayiswe imoto kaNkululeko. Uvuma ukuthandana noNkululeko kepha ambekele umbandela wokuthi aze angaphatheki kabi uma ehluleka ukuqhubeka nothando lwabo ngoba inhliziyo yakhe isanamathele kuMhlengi. Uvuma ukushada noNkululeko, amale ngaphambi kosuku lomshado qede ahambe ngabo lobo busuku ukuyofuna uMhlengi. Ufika kwaNgidi eGcilima, ufuna uMhlengi ngoba enethemba lokuthi bazobuyelana baqhubeke nothando lwabo. Ugcina ngokumthola uMhlengi kodwa usenguMahlengi, usephila impilo yokuba ngumuntu wesifazane, akhale.

Impilo ekhethwe nguXolani imlethela izinkinga empilweni yakhe. Wephula isethembiso asenze noLungile oyinkosikazi yakhe ngesikhathi ethamele umhlangano wosomabhizinisi abasafufusa ukuze bathuthukise ibhizinisi labo lokuthutha izimpahla. Wehluleka ukulalela umhlangano, usanganiswa ukubona intokazi enhle enguMahlengi. Uthatha ikhadi elinemininingwane kaMahlengi, ukhohlwa iphoyinti abenalo noLungile nezingane. Ukhetha impilo yokukhohlisa uLungile uma emshayela ucingo uthi kukhona okumbambile yingakho engekho ekhaya. Uvakashela uMahlengi efulethini afike aphuze utshwala, abuye ebusuku emzini wakhe. Aphinde avakashele uMahlengi ebusuku eshiya izingane zodwa ebusuku zigcine zisha nendlu, zishone aye kodla noMahlengi eJohn Dory's atshelwe nguMahlengi ukuthi uyamthanda.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UNgidi ukhetha ukungaganwa ngemuva kokushiywa ngunina kaMhlengi embeletha ngoba enothando lokukhulisa uMhlengi ukuze angahlushwa ngabanye omama. Kepha uyehluleka ukwamukela inkulumo kaMhlengi uma emtshela ukuthi uyi *'gay'.*
Uyamxosha umthembisa isibhamu, uthi angaphinde abeke unyawo lwakhe emzini wakhe. Uthembisa ukwesula uMhlengi emafeni akhe. Wamukela uNontobeko, umhlalisa kwakhe, akamkhuzi noma futhi akambonisi uma ebona udaba lubhalwe ephephandabeni 'Ifa Lamehlo' ngesenzo asenzile sokushiya umshado ngayizolo. Wephula isethembiso sokulobola uNomalanga Ndlovu njengoba ebethembisile ngoba umshiya engamazisi ngesinqumo asithathile sokufuna uMhlengi. Ubuye axolise kuNomalanga aqhubeke bahambe naye ukuyofuna uMahlengi/ Mhlengi.

Impela kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo okube nemiphumela eyahlukene empilweni yabo. Abanye babe nokuzisola ngokuzikhethela impilo njengoNontobeko noXolani.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo ehambisana nesitatimende sombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Umlandi usingenisela indaba ngokusichazela isimo sikaXolani ayeseyiso emuva kokubonana noMahlengi. Usichazela ukuthi uyacabanga konke obekukade kwenzeka aze agicne esehleka yedwa.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi] (2)

7.2 Izehlakalo ezaholela uXolani ukuthi athandane noMahlengi:

- UMahlengi wanikeza uXolani ikhadi lakhe lebhizinisi elinenombolo yocingo.
- UMahlengi wavuma ukuvakashelwa nguXolani ngemuva komhlangano.
- UMahlengi wabamba ucingo lukaXolani yize wayenesoka lakhe uNdumiso.
- UMahlengi wavuma ukuphuma noXolani beyodla isidla sakusihlwa eJohn Dory's.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile isigameko kulesi siqeshana] (3)

7.3 La mazwi aveza isimo senhlalo esihle nesihambisana nendlela okwenzeka ngayo njengoba uMahlengi ekhombisa ukukhululeka, utshela uXolani ukuthi wamukelekile uma efuna ukuvakasha.

[Nikeza amamaki amabili uma ewavezile amazwi] (2)

7.4 Uthando abanalo ngoXolani alufani. uLungile athanda ngalo uXolani olomshado njengoba bevezwe bengabashadikazi. Uyinkosikazi yakhe ethembekile futhi emhloniphayo umyeni wayo. Uthando uMahlengi analo ngoXolani olungamukelekile ngoba lwagcina seluphazamisa umshado. UMahlengi naye wayethandana noNdumiso kepha uma uthando lukaXolani selumehlula ubhala incwadi yokwala isoka lakhe elinguNdumiso.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile uthando lwabalingiswa] (3)

7.5 Ngiyazwelana naye ngoba uzithola esengena ezindlekweni abekade engazilindele. Kwase kumele alungise imoto yakhe. Angagcini lapho azame ukuthola isikhathi sokuvakashela uNontobeko esibhedlela okwabe engakuhlelele. Ngangiyokhokha zonke izindleko zesibhedlela.

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba uNontobeko nguyena owaziphonsa emotweni kaNkululeko ngenxa yokwaliwa nguMhlengi. Kwakungelona iphutha likaNkululeko. Ukube ngangiwuNkululeko ngangingeke ngiye esibhedlela ngoba kwakuzongidlela isikhathi, imali futhi kungiphazamise nasezinhlelweni zami.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukuzwelana /nokungazwelani]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.6 Isigameko esiyisingeniso sale siqeshana esokubamba inkunzi kukaNdumiso epulazini likaNgidi. UNdumiso owabe eqambe amanga ezibize ngokuthi unguSibalukhulu ubamba inkunzi, uthatha imali kaNgidi.

[Nikeza amamaki amabili uma eshilo isigameko esitholakala esingenisweni] (2)

7.7 UNdumiso uvezwe njengomlingiswa onobugebengu/ onesihluku/ ongenanembeza/onomona. Ubamba uNgidi inkunzi, uthatha imali esisefweni. Ubuye avezwe njengomlingiswa odelelayo, uyanxapha, asikaze uNgidi uma embiza ngoSibalukhulu. Aphinde avezwe njengomlingiswa onomona, uma ebona imali kaNgidi aze ancincize.

[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuvezwa komlingiswa] (3)

7.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi abangabukelwa phansi abantu abaphila nokugula/ukukhubazeka ngoba nabo bangabantu abakwazi ukulekelela uma kunesidingo. UNyambose uyalekelela kwaNgidi uma ebona ukuthi isango lishiywe lingalivaliwe, uyalivala.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile inhloso yombhali]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

7.9 Ngicabanga ukuthi wawuzoba muhle. UNgidi wayezokwamukela, aqhubeke nokuthanda uMhlengi, andise amapulazi akhe, ebonisana noMhlengi. Ayengeke abanjwe inkunzi nguNdumiso owayefuna ukulobola uMahlengi.

**NOMA**

Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. Kwakuzodingeka ukuba uNgidi aphile impilo yokuzenzisa. Kwakuzomphoqa ukuba azame ukwamukela lesi simo sendodana yakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela empilweni yabalingiswa]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le ndaba kuvuthondaba ngoba inkinga ebibhekene nomlingiswa omkhulu ixazululekile. Bonke abalingiswa abekade bekhathazekile balitholile iqiniso lokuthi wayekade engumuntu wesilisa kodwa usezishintshile waba ngumuntu wesifazane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO*** **– MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kule noveli.)**

Kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo abayiphilayo okube nemiphumela eyahlukene.

UNomvula uyaye athole ithuba lokugembula naye uma ethunywe abaqashi bakhe. Uzizuzela izizumbulu zemali nje ngoba kwathuka kuqondana ukuba ithikithi lakhe kuyilo eliphumelele. Uzithola esevakashelwa ngabantu abahlukene, belandela umcebo wakhe. Uxabana noGenyeza oyisoka lakhe ngoba enesikhwele uma efica oChule noSkiti ayebasola ngokuthi bacuthele imali kaNomvula. Ushiya uGenyeza, uthutha izimpahla engamazisanga, uhamba noChule, ahlale emzini wakhe eMlazi ebe engashadile naye. Ubuka umculo kaGenyeza kumabonakude, okudala isikhwele kuChule agcine exabana naye. Akaqali ngokwakhela unina uMaNdelu indlu ukuze amkhiphe enkingeni yokuhlala noMaHadebe noMeyili ababemhlukumeza njengoba kwakushone uyise wakhe.

Wakhela uMeyili umuzi wesitini nomuzi. Uhlukunyezwa uChule, angamzileli uChule uma eshonile ngokucindezelwa imoto, ubuyelana noGenyeza, ashade naye. UChule uzenza uMbhishophi bese efune ukuphila impilo esezingeni eliphezulu ngokuqola abafelokazi imali ababeyishiyelwe abayeni babo okugcina kumhlukanise nomkakhe uMaMkhabela. Ukhetha ukushada noMaDludla umshadombumbulu ukuze afinyelele emalini yakhe, ayishiyelwa umyeni wakhe. Uqhamuka nocebo lokubulala uNomvula ngokulihlanganisa noDaffo ngoba efuna ukumqedela ukuphila ngokumbulala ukuze kube nguyena othola imali kaNomvula njengoba wayesola ukuthi uNomvula uzobuyelana noGenyeza njengoba uNomvula wayebukela umculo kaGenyeza kumabonakude.

UMeyili uxosha uNomvula emzini wakhe ngoba ekhulelwe ingane engashadile. Uphila ngokulawula uMaNdelu ngoba ashonelwa ngumyeni wakhe ongumfowabo kaMeyili. Akwenza kuMaNdelu akwamukelekile njengoba exabana naye ngoba ethi kungani uNomvula abhalele yena emazisa ngomcebo awuzuzile. Wenza okungekuhle ngoba uthatha imali kaMaNdelu yonke okugcina kumxabanisa nomkakhe uMaHadebe Akamukeli uma uNomvula elotsholwa, ucasukela abakhongi ubabuza ukuthi babehlaleleni bengamloboli uNomvula engakabi nomcebo. Okuhle nokwamukelekile akwenzayo ukuthi akahambisani noMaHadebe uma efuna ukubulala uNomvula noMaNdelu ngokubadlisa ushevu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMaHadebe uphila impilo yokuba nomona. Uhlela ukuba kubulawe uMaNdelu noNomvula ngokubadlisa ushevu. Uphinde uthumela uMahuzu okungumfana wakhe ukuba ahambe nabangani bakhe uMsonteni noMchitheni ukuyobulala uNomvula eThekwini. Ubulala inja yabo ngokudla ushevu abebezitshela ukuthi uzodliwa nguMaNdelu. Leso senzo sakhe sigcina simfake enkingeni ngoba ujuqwa isisu ngokudla ushevu obusale ozipheni lwakhe ngenkathi ehlephula inkukhu. Ungena esibhedlela, abuye axolise emndenini.

Impela kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo okube nemiphumela ehlukene empilweni yabo. Abanye babe nokuzisola basizwa ngabanye njengoMaHadebe noChule engakafi.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo ehambisana nesitatimende sombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 Umlandi usilandisa/usixoxela ngokwakwenzeka emzini kaChule njengoba uNomvula ozela. UChule umkhombisa ikamelo lokulala. Uphinde asitshele ngemizwa kaNomvula ongajabuli, ozeyayo uma ebona ikamele elikhulu azolala kulo elinempahla emangalisayo phakathi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi] (2)

9.2
- UChule wayezenza uMbhishobhi eqola abafelokazi izimali zabo. Ubona ephephandabeni ukuthi uNomvula uwine *i-pic six,* usefika endlini yakhe njengomfundisi.
- UGenyeza uyavutha bhe wala ukhasha, akafuni muntu osondela kuNomvula ngoba baningi abafuna ukuqola uNomvula imali yakhe. Ngakho-ke ufuna ukuthola umuntu ozogada uGenyeza ukuze athole ithuba lokungena amqole imali yakhe.
- UChule ufika endlini kaNomvula ukuzomkhohlisa ukuthi akahambe naye njengoba uGenyeza engazange azwelane naye uma eshonelwe ngumfowabo uMahuzu.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile izehlakalo] (3)

9.3 La mazwi aveza isimo senhlalo esihle, esikhombisa ukuthi uphila kahle njengoba uChule enemali eningi. Unomuzi omkhulu onesitezi nezindawo zokugezela phezulu naphansi. UChule utshela uNomvula ukuthi indawo yokugezela ikhona lapha ngaphakathi ekamelweni azolala kulo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wamagama nesizinda] (2)

9.4 Uthando uChule noGenyeza abanalo noMirriam alufani. UChule uthanda uNomvula ngothandombumbulu , ufuna ukumqola imali yakhe. UGenyeza umthanda ngokweqiniso uMirriam futhi enesikhwele ngaye. Wayelwa emvikela koheshane abasebezisondeza kuNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile uthando lwabalingiswa] (3)

9.5 Ngiyazwelana ngoba ulahlekelwa yindodana yakhe uMahuzu. Utshele uMahuzu ukuthi akabuye eGoli ukuze aye eThekwini ayodlisa uNomvula umuthi ukuze ahlanye azothola umcebo kaNomvula. Endleleni uMahuzu noMsonteni bahlangabezana nengozi yemoto, bayashona. Mina nginguMaHadebe ngangiyokwaneliswa enginakho ngoba wayenaye umyeni osebenzayo sasingekho isidingo sokuthi afune imali kaNomvula.

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba umuntu uvuna lokho akutshalile. Nguyena owathumela indodana yakhe ukuba iyohlasela uNomvula eThekwini. Ngangingeke ngithumele indodana yami ukuba iyohlasela udadewabo.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukuzwelana /ukungazwelani]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.6 Udweshu olutholakala kulesi siqeshana ludalwa ukufika kukaChule eze kuHlulintombi, amphoxe ngokumtshela ukuthi angamthathi noma ikanjani. UHlulintombi uyacasuka wala uyaphetha uthi akafuni ukubulawa nguNtshangase.

[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi udweshu ludawla yini] (2)

9.7 Izenzo zomlingiswa onguHlulintombi zimveza njengomlingiswa ongenaqiniso nodelelayo. Uphikisana noChule uma emtshela ukuthi nguyena ozogada emnyango ukuthi akaqhamuki yini uGenyeza. Ubiza uChule ngekhehla, uChule amtshengise incwadi yokungethembeki kwakhe kuGenyeza abeyibhalele uNomvula ngenhloso yokumshela.

[Nikeza amamaki amathathu echaze kafushane izenzo zomlingiswa] (3)

9.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi kwesinye isikhathi abantu abasebenza ngokuqola izimali baba nomona uma bebona abantu bethola imali yamafa. Uhlela isu lokuthola umcebo kaMirriam uzenza udokotela Ndambula Sengwayo agcine eshaywa nguGenyeza.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile inhloso yombhali]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

9.9 Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. UMeyili wayengagcina engenayo indlu yesitini njengoba agcina eyakhelwe nguNomvula ngemuva kokuthola umcebo. UNomvula wayengahlala ekhaya angasebenzi hleze agcine enezinye izingane eziningi esehlupheka.

**NOMA**

Ngicabanga ukuthi wawungaba muhle ngoba hleze uNomvula wayeyovuka azithathe, afunde aqede enze izinto ezinhle zokumbonga.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

9.10 Le ndaba iphetha ngopholavuthondaba. Zonke izinkinga ezibhekene noNomvula ziyaxazululeka, kuba nokuxolelana nokubuyisana. UNomvula ushada noGenyeza bathenga umuzi omkhulu eThusini. Abenzi bobubi bayajeza, uChule uyafa, uDaffo uyagwetshwa ngesenzo sokuzama ukubulala uNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kule noveli.)**

Kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo abayiphilayo okube nemiphumela eyahlukene.

UDumazile uqoma uthisha uMoloi ebe eyingane yesikole ebe eshiye ikhaya lakubo wayoqasha eMbumbulu lapho kunesikoleni samabanga aphezulu. Lokho kwenza kwakhe kwenze waxoshwa esikoleni. Wathola umsebenzi esitolo sikaSithole. Ufika kwaSithole wamqoma uma emshela ebe emsizile wamnika umsebenzi esitolo sakhe futhi azi ukuthi ushade noMaNzimande waze wakhulelwa okwesibili wathola uLerato. Wenza into engeyinhle ngokuhlangana noMthivovo ambathe ngubo yinye naye, ahlele isu lokushisa isitolo sikaSithole okwaletha ukuhlupheka kuSithole njengoba umshwalense wala ukumkhokhela. Uthe uSithole eboshiwe ushada noMtalaselwa Zuma bahlala emzini waseMlazi owawuthengwe nguSithole. Akamvumeli uSithole ukuba ahlale naye ngoba eseshadile.

Uhlangana noMoloi obezoqwashisa abasebenzi esibhedlela lapho esebenza khona eze ngodaba labantu asebehlaselwe yileli gciwane emphakathini. Wamvumela babuyelana ebe kade wayemshiye emkhulelisile. Uvumela uSithole uma ebuya ejele ukuba afike ukuzobona uMtholephi. Lokho kwenza kwakhe kudala ukuba uMoloi noSithole baficane balwe agcine eshaywe ngumyeni wakhe uMtalaselwa ngoba kuficane oyise bezingane zakhe emzini wakhe, izingane zakhe zasala zodwa uLerato waphuma nasesikoleni. UDumazile wenza okubi ubuyela koyise bezingane zakhe ubathelela ngegciwane lesandulela ngculazi alidlulisela kumyeni wakhe uMtalaselwa.

Uthisha uMoloi uthandana noMisi Hlophe ofundisa kuso lesi sikole asebenza kuso aphinde athandane noDumazile ebe enenkosikazi ayishiye ekhaya eGoli. Ukukhetha ukuphila impilo yokuqonywa kwenza uMisi Hlophe axoshe uDumazile ekilasini lakhe le-Geography futhi atshele omemu ngesenzo sokungethembeki kwakhe.

Akayifaki inothisi yokwesula emsebenzini, uvele uyanyamalala ashiye izingane dengwane kanye noDumazile osemtshele ukuthi ukhulelwe. Ubonana noDumazile ngenkathi emfica emsebenzini ezobazisa ngenkampani i'New Life'. Ubuyelana noDumazile, akamhloniphi ukuthi useshadele kuMtalaselwa Zuma, ulwa noSithole phambi kukaMtholephi noLerato.

USithole ukhetha ukudlisa uDumazile ngomuthi awulande enyangeni, okwadala ukuthi athandane noDumazile ngokumphoqelela. Ukhetha ukushiya umkakhe uMaNzimande, uthengela uDumazile umuzi eMlazi, ahlale naye. Uthi eshadile, atholise

Downloaded from Stanmorephysics.com


UDumazile ingane uMtholephi. Ufika emzini kaKheswa ephethe isheke ukulobola uDumazile. Akagcini ngokuthengela uDumazile umuzi, umthengela imoto ebe engenazo izincwadi zokushayela, angayifakeli nomshwalense. USithole uthatha isikhathi somsebenzi awutholile wokushayela ilori lokuthutha udoti kepha ahambe aye kwaDumazile eMlazi angawenzi umsebenzi awuqashelwe, abe nesikhwele uma eficana noMoloi agcine elwa naye emzini osekungowakaZuma.

UMaNzimande uphoqa uSithole ukuthi makaxoshe uDumazile ngenxa yezinsolo azitshelwe ngu*Lizzy*. Ulwa noDumazile, umxosha esitolo nasemagcekeni akwakhe akamniki ithuba lokuba aziphendulele. Ungenisa indoda ekamelweni likaSithole ebe engahlukanisanga naye. Uphinde uvumela ukumbatha nguboyinye noSithole okwadala ukuba athole igciwane lengculazi.

Impela kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo okube nemiphumela ehlukene empilweni yabo. Abanye babe nokuzisola basizwa ngabanye njengoDumazile noSithole.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo ehambisana nesitatimende sombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]. **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – MJ Wanda**

11.1 Umlandi usilandisa ngokwenziwa umlingiswa onguthishomkhulu ezama ukuthungatha uthisha uMoloi. Umbheka isikole sonke akamtholi. Uphinde umlandi asitshele ngemizwa kathishanhloko lapho edunyelwa ikhanda uma ezwa umfundi othi uMoloi ugibele itekisi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi] (2)

11.2
- Uthisha uMoloi uthandana noDumazile uphetha ngokukhulelwa.
- UMaNdovela benoMaJwara bafika esikoleni bezoxoxa indaba yokukhulelwa kwengane kaKheswa ikhuleliswa uthisha.
- Uthisha omkhulu uthungatha uMoloi ukuze athole kahle ngalolu daba kepha itshe lase lome inhlama.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezifingqile izigameko] (3)

11.3 Isimo senhlalo sihle ngoba bakhombisa ukubambisana phakathi kwesikole nabazali nokubambisana komakhelwane njengoba uMaJwara wayephelezele uMaNdovela esikoleni.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wamagama agqamile] (2)

11.4 Uthisha uMoloi akanalo uthando lweqiniso kubona bobabili oMisi Hlophe noDumazile. Uthisha uMoloi uthandana noMisi Hlophe kodwa ushela uDumazile oyingane yesikole asebenza kusona benoMisi Hlophe. Akamtsheli uma eseshiya umsebenzi. Kanjalo nakuDumazile, uyamkhulelisa, abaleke, engavalelisanga kuye esikoleni.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile uthando lwabalingiswa] (3)

11.5 Ngiyazwelana naye ngoba uMaNzimande wayezitshela ukuthi uma uSithole exosha uDumazile bazoqhubeka nothando lwabo bahlale emzini wabo ngokuthula engasekho ophazamisayo. Ukube bengiwuManzimande bengingeke ngimxolele uSithole uma esebuyiswa ukuhlupheka ngoba akathembekile.

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba umuntu uvuna lokho akutshalile. Nguyena owavumela ukulalela uLizzy mayelana nokuthandana kukaSithole noDumazile okwakungekho. Waqala walwa noSithole okwenza agcine esebuka uDumazile ngalelo so lokumthanda. Ngangingeke ngilalele okwakushiwo nguLizzy ngaphambi kokuzenzela ucwaningo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile ukuzwelana /ukungazwelani]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.6 Udweshu olutholakala kulesi siqeshana ludalwa ukuthi uDumazile ubuye sekudlule isikhathi emsebenzini. Uphendula kabi uSithole umtshela ukuthi yena uziphethe, akashadile noSithole futhi uSithole akolawula kuphela uMaNzimande lo ashade naye hhayi yena.

[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi udweshu ludalwa yini] (2)

11.7 UDumazile uvezwe njengomlingiswa ongahloniphi/ ongenaso isimilo. Uphoxa uSithole onguyise wengane yakhe nokunguye omthengele indlu ahlala kuyo eMlazi. Uphinde umtshela ukuthi useyisichaka yingakho ebona kungcono ukuthi amshade, afake isehlukaniso noMaNzimande. Angagcini ngalokho amtshele emehlweni ukuthi usethandana nenye indoda.

[Nikeza amamaki amathathu echaze kafushane izenzo zomlingiswa] (3)

11.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi kukhona abantu abangathembekile emsebenzini wabo. UMthovovo usebenza esitolo sikaSithole akathembeki uhlangana noDumazile bashisa isitolo sikaSithole aphinde ambathe ngubo yinye noDumazile ebe azi ukuthi uthandana noSithole ongumqashi wakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile inhloso yombhali]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

11.9 Ngicabanga ukuthi wawuzoba muhle. UMtalaselwa wayezoshada nomama wengane yakhe. Wayengaphila isikhathi eside hleze angabulawa yingculazi. Okunye wayengeke ahlazeke endaweni kuphume izindaba emsakazweni zokulwa kwamadoda emzini wakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

11.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le ndaba ngopholavuthondaba ngoba kuba nokuxolelana nokubuyisana. UDumazile ngaphambi kokuba ashone uxolisa kuMaNdovela noMaShandu indlela abeziphethe ngayo. Imindeni kaDumazile nokaMtalaselwa iyahlangana emgcwabeni kaDumazile. UMaShandu umamezala kaDumazile uxolela uDumazile ngakho konke ayekusho ngaye. Babonga abakwaKheswa ngokubambisana.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kule noveli.)**

Kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo abayiphilayo okube nemiphumela eyahlukene.

UNjini Cele ungumfowabo kaQophitshe ongumama kaLinono noBafana. Ungumalume okhethe ukukhulisa uBafana oseyisifundiswa. Ufika emzini kaBafana nomngenandlini womkhono wembuzi ngenhloso yokuzocelela uHlanganisani no-Uzithelile abangabazukulu bakhe indawo yokuhlala nokufunda. UCele akazisoli ngokukhulisa uBafana futhi akabi nodlame kuBafana ngenkathi emxosha emzini wakhe ngoba ethi akalenzanga iphoyinti unquma ukudla imihlathi ayolala kuMadonsela. Uthandazela u-*Euthenasia* uma embona ukuthi uxinwe yisifuba. Ukhulisa oHlanganisani no-Uzithelile ngomthandazo. Wamukela u-*Euthenasia* ngomoya omuhle uma efika eMpaphala, uyamhlabisa, amfake isiphandla sembuzi. Wamukela uBafana eMpaphala, umtshela ukuthi kade emlindele. Wamukela u*Poppie* ofika emzini wakhe esehamba ngenduku, abahlabise imbuzi benoBafana.

UBafana uxosha umalume wakhe kabuhlungu uma ezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala. UBafana akanasikhathi sezingane zakhe ukhetha umsebenzi wokugada izinja. UBafana uba nomona ngokufunda kuka*Poppie* utshela u*Poppie* ukuthi akangaqhubeki nokufunda. Ukhuza u*Poppie* uma ehlukumeza uMaXakushe ngesikhathi emxosha ebusuku emzini wakhe. Akakwazi ukwelekelela uMnumzane *uBen Martin* owayefisa ukunikeza usizo umphakathi wabantu abamnyama. Indlela enza ngayo ku*Williamson* asebenza naye, itshengisa ukungamhloniphi ngoba umbiza ngoMadala. Ukhetha ukushiya uMelody, U-*Euthenasia* no*Poppie*, alaxaze nomsebenzi ngenxa yokungenela uphuzo oludakayo nokwenqaba usizo luka-Terry *Lewis*. Uthi engumuntu omnyama kepha angabazisi omakhelwane bakhe. Ukhetha ukuhlalisana noMaMthunzi ebe engahlukanisanga no*Poppie*. Walekelela uMaMthunzi ukuhambisa u*Prisca* ekolishi ebe ashiya ezakhe izingane u-*Euthenasia noMelody* engazi noma ziyafunda yini. Uthi engubaba awashele uMaMsibi izimpahla zakhe zokugqoka zangaphansi.

U*Poppie* wenqaba ukwamukela izingane zikaLinono kwala noma ozakwabo emsebenzini bemncenga ukuthi azithathe. Akabi nesikhathi sokukhulisa izingane zakhe, ikakhulukazi u*Melody* oze athole izingane ezimbili engashadile. Uxosha uMaXakushe ongumzanyana wezingane zakhe, akafuni ngisho alale ngalobo busuku ngoba engamfuni umuntu osola izingane zakhe. U*Poppie* uma eshayelwa ucingo nguHlanganisani efuna ukumazisa ngo-*Euthenasia* akamemukeli kahle njengelunga lomndeni. Uthengela u-*Euthenasia* imoto ngaphandle kokubonisana noBafana.

Downloaded from Stanmorephysics.com


U*Poppie* ukhombisa ukuba nomona ngoHlanganisani no-Uzithelile ngoba bekhombisa ikhono eliphezulu emqhudelwaneni wokugijima. Ucabanga nokubathakatha. U*Poppie* wakhetha ukushiya iBhayibheli ayeliphiwe uQophitshe emzini wabo eMlazi. U*Poppie* ufika emsebenzini kaBafana uthatha izincwadi ngoba efuna ukuthi uBafana afike ekhaya balungise izinto.

UHlanganisani wamukela u-*Euthenasia* uma efika e-B.W Vilakazi. Ugoduka naye uya eMpaphala. Utshela u-*Euthenasia* ukuthi akulungile ukuhamba ekhaya kungaziwa. Ugqugquzela u-*Euthenasia* ukuthi afunde phesheya. Akadlali ngoZamaShenge, uyamshada umenza inkosikazi yakhe. Ukhulisa izingane zika*Melody*, umphindisela esikoleni ukuthi ayofunda. Uhlalisa uBafana no*Poppie* eMfangidelile. Indlela uHlanganisani enze ngayo izinto yamukelekile ngokwamagugu ngenxa yokuthi ubamba iqhaza lokuhlanganisa umndeni.

Impela kuyiqiniso ukuthi uma umuntu ekwazile ukuzikhethela impilo akabi nokusola abanye abantu. Kule noveli kunabalingiswa abazikhethele impilo okube nemiphumela ehlukene empilweni yabo. Abanye babe nokuzisola basizwa ngabanye njengoBafana noPoppie.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]. **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Umlandi usilandisa/usixoxela ngemicabango *kaPoppie* njengoba ekhumbula indlela okugcwala ngayo isitimela namatekisi aseShowe. Le micabango anayo isuswa ukufika komfana waseShowe ogulayo. Ubuye acabange nangoNjini Cele ukuthi akathandi kangakanani ukuhamba ngamatekisi ngoba esakholelwa ekuhambeni ngesitimela.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi] (2)

13.2
- Yingoba wayebona ukuthi u*Poppie* usibukele phansi isiguli futhi akawahloniphi umsebenzi wakhe.
- Yingoba wayefuna ukuqinisekisa ukuthi u*Poppie* akazimisele ngempela yini ukuyobheka isiguli sangasemzini wakhe.
- Yingoba wayethukile ngenxa yokuthi isiguli sasigula kakhulu sidinga usizo ngokushesha.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile isigameko kulesi siqeshana] (3)

13.3 La mazwi akhombisa isimo senhlalo esingesihle njengoba u*Poppie* ekhuluma isiNgisi enqaba ukuyobheka isiguli ngoba ekhombisa ukuba nobandlululo uma kungabantu basemakhaya.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wamagama agqamile] (2)

13.4 UBafana ube nothando olungafani lwezingane zika*Poppie* noMaMthunzi. UBafana akabanakekeli o*Melody* no-*Euthenesia*, unakekela izinja kuphela kwakhe. Kanti uma ekaMaMthunzi ukwazi ukuhambisa u*Prisca* ekolishi ngemoto yakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile uthando lwabalingiswa] (3)

13.5 Ngiyazwelana ngoba u*Melody* akalutholanga uthando lokunakekelwa u*Poppie* noBafana ukuze bamyale, wayesizwa uMaXakushe ambonise ngokukhula nokuziphatha kwengane. U*Poppie* waxosha uMaXakushe wasala engenamuntu ombonisayo. Ukube bengiwu*Melody* bengiyosebenza kanzima nginakekele izingane zami ukuze okwenzeke kimi kungenzeki kuzona.

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba umuntu uvuna lokho akutshalile. UMelody akaphoqwangwa ukuba abe nobudlelwano noPrince noMandla wakwenza ngokuthanda futhi efuna ukweqa imithetho kaMaMthimkhulu.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile ukuzwelana/ukungazwelani]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

13.6 Udweshu olutholakala kulesi siqeshana ludalwa ukuthi u-*Euthenasia* untshontshe imoto ka*Miss Hawkins*. Utshela uBafana ukuthi lokhu akwenzile ubeziholela ngoba u*Miss Hawkins* ubelokhu emthuma engamkhokheli.

[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi udweshu ludalwa yini] (2)

13.7 Okwenziwa u-*Euthenasia* kumveza njengomlingiswa ongahloniphi ngokuthi angaxolisi uma ebuzwa ngokuthatha imoto ka*Miss Hawkins.* Uphinda alindele inkokhelo uma ethunywa umuntu omdala kunaye okumele ngabe umthatha njengomzali wakhe.

[Nikeza amamaki amathathu echaze kafushane izenzo zomlingiswa] (3)

13.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ubuntu nokwazisana komakhelwane. UMadonsela wamukela uCele kahle uma efika kuye ngenkathi exoshwe nguBafana emzini wakhe. Umxoxela nendlela okuphilwa ngayo ko-BA okwenze uCele aqonde imbangela yesenzo sikaBafana.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile inhloso yombhali]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

13.9 Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. UBafana wayezogcina engabuyisananga nomndeni wakhe waseMpaphala. Wayezoqhubeka ahambe ehlala nabanye omasihlalisane mhlawumbe aze agcine esehlala nasemgwaqeni. Hleze wayengagcina eshonile angcwatshwe ungazi umndeni wakhe ngenxa yamashwa ayemlandela.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

13.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le noveli ngopholavuthondaba ngoba kube noxolo nokubuyisana komndeni waseMpaphala nowaseThekwini. Umndeni kaCele wamukela uNgubane njengoba efika eMpaphala, bayamhlabela. Baphinde bamukela u*Poppie* osehamba ngenduku njengoba efika eMpaphala ehamba noVikizitha. UNgubane no*Poppie* bayabuyelana, badayisa indlu yabo yase *La Lucia* bagcine behlala eMthunzini.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**INGANEKWANE: 'IKHUBALO LIKAFUKWE'**

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kulobu buciko bomlomo.)**

Kuyenzeka kwesinye isikhathi izinto ezenziwa ngabantu nezilwane zisifundise, zexwayise futhi zedlulise umyalezo othile. Kuyavela nakulobu buciko bomlomo okufundisayo, okwexwayisayo nokwadlulisa umyalezo.

**INGANEKWANE: IKHUBALO LIKAFUKWE**

Le nganekwane ifundisa ngokuthi kubalulekile ukuthi uma ungubaba wekhaya uhambe uyosebenzela umndeni wakho ukuze ungalali ngendlala njengoba kwenza umlimi kule nganekwane. Uyayidela impilo yakho, umlimi uyidela ngokuyogawula izibonda zesivande ehlathini elesabekayo futhi elalidume ngokuba nezinhlobo zezilwane ebezingaba yingozi. Kuthe esagawula ubona izinsizwa ezazihlomile zivula idwala ngendlela engajwayekile yokucula iculo bese idwala liyavuleka.

Kudingeka ube nobuchule, umlimi akazange abaleke, wangena ehlathini, wacasha efuna ukubona ukuthi zenzani. Wama walalela wabamba konke okwenzekayo elapho ehlathini ecashe otshanini.

Ungazuza umcebo ngokulalela/ukubuka indlela okwenziwa ngayo izinto ngabanye abantu. Umlimi waya edwaleni ngemuva kokuba zihambe izinsizwa wase enza lokhu okwakwenziwa yizinsizwa ukuze naye akwazi ukuthola imali. Wacula, idwala lavuleka wangena edwaleni wazitika ngemali eyayilapho engacabangi nanokuthi lezi zinsizwa zingabuya mhlawumbe zimlimaze. Waphumelela waze wafika ekhaya nemali.

Yize izinsizwa zazinemali engaziwa muntu zazilekelelana ngenkathi zifaka imali emasakeni okwenza ukuba umsebenzi wazo ube lula futhi usheshe uphele yize imali yabe iyiningi.

Okunye okugqanyiswa yile nganekwane ukuthi kuhle ukwethembeka nokucabangela umndeni wakho. Umlimi waxoxela inkosikazi yakhe ngendlela ayethole ngayo imali. Bayibala belekelelana.

Kuyenzeka senze izethembiso kodwa singazifezi. Inkosikazi yomlimi yacabanga ukuyoxoxela umfowabo ongusomabhizinisi yize umyeni wayo wayeyiyalile ukuba ingatsheli muntu. Yathatha izingubo yashaya sengathi iyowasha kanti iyoxoxela umfowabo. Yanikeza umfowabo indlela yokufinyelela kulo mcebo yize umfowabo wayecebile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Alikho isoka elingenasici. Lobu buciko buxwayisa ngokuthi kubi ukungeneliseki, uSomabhizinisi wayengenelisekile ngomcebo ayenawo futhi ebukela phansi umyeni kadadewabo ngoba engumlimi ongenamali. Wayembiza ngesihlupheki esingenalutho. Esezwile ngodadewabo ngedwala lezimanga naye wanikela khona edwaleni efisa ukuthola imali edlula ekamlimi. Waya ehlathini eyofuna idwala ayengenaso isiqiniseko ngokuthi likuyiphi indawo kulelo hlathi. Walifuna waze walithola naye wazitapela imali. Wazisola ngokuza yedwa ukuze ayithathe yonke imali ukwedlula amasaka ayi-17. Kwathi uma sekumele aphume wakhohlwa amagama engoma eyayiculelwa idwala.

Umyalezo odluliswa kule nganekwane uthi umona nokungeneliseki kungakufaka enkingeni. USomabhinizi waficwa abanikazi bemali phakathi edwaleni kodwa wakwazi ukucabanga masinyane wangena esakeni elalingenalutho, walibopha ngocingo njengoba kwenziwe kwamanye amasaka ayenemali ukuze asindise impilo yakhe. Wazisola ngokuthanda kwakhe imali, esecabanga namabhizinisi akhe, nemali yakhe ayezofa engazange akujabulele. Wazisindisa ngokumemeza, wethusa izinsizwa ngokubuza ukuthi kuyoze kube nini zithanda imali. Wazisabisa ngokuthi zizofa uma zike zawela umfula nale mali. Kwaba ukusinda kwakhe. Wathatha amasaka ambalwa ngoba wayesebonile ukuthi ukuthanda imali akulungile.

**IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE**
Lezi zibongo zikaGcina Mhlophe zimveza engumuntu oyingqalabutho kwabesifazane ekuhayeni, ekuxoxeni nasekuqambeni ubuciko bomlomo. Ziveza ukuthi uyakhulisa, axwayise abuye afundise izinto ezithile/ezahlukene. Imbongi imbona engumuntu oziphethe kahle uze uyanconywa ufaniswa nekhiwane elingenazimpethu ngoba uthi emuhle ngaphandle ebe emsulwa/engenasici nangaphakathi. Wenza isiqiniseko sokukhulisa imisebenzi yobuciko bomlomo abe nabanye abantu base-Afrika yonkana bafunda kuye ukuxoxa izinganekwane. Kusizakala abantu abaningi ngolwazi olujulile abaluthola kuye uze uhambela namanye amazwe okubalwa kuwo iJalimane, iNtaliyane naseLandane. Imisebenzi yakhe iyatholakala emithonjeni yolwazi ehlukahlukene elekelelwa inyuvesi yaseThekwini. Lokho kuveza ukuthi yize ephumelela kodwa akawenzi yedwa lo msebenzi wokubhala nokuxoxa izinganekwane. Akwenzayo ngokuhle kodwa, okumhlophe njengesibongo sakhe sakwaMhlophe.

**IHUBO:** Awuqiqe Umthwalo
Leli hubo lifundisa ngemvelaphi yamahubo aculwa ngabantu uma besebenza. Abanika umdlandla aphinde abagqugquzele uma benza imisebenzi ethile. Likhombisa ukubambisana nokuzimisela/nokuzinikela.

Impela kuyiqiniso ukuthi ubuciko bomlomo benza imisebenzi eyahlukahlukene. Lokhu kufakazelwa yilobu buciko bomlomo okuyinganekwane, izibongo nehubo ngoba buveze ukuthi kuyafundisa, kuxwayise futhi kwedlulisa momyalezo wokuthi kubalulekile ukuthi abantu babambisane kukho konke abakwenzayo njengoba kwenza umlimi nomkakhe, izinsizwa ezilishumi, uGcina Mhlophe neNyuvesi yaseLandane kanye neyaseThekwini kanye nabahuba ihubo elithi, 'Awuqiqe Umthwalo.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IZINGANEKWANE: 'UNONSIKELELO'**

15.1 Isizinda ngokwenkathi esenkathi yamanje. Inkawana iphuza amanzi ngepayipi/Impala ikha amanzi empompini.

[Nikeza amamaki amabili uma esigagulile isizinda senkathi] (1)

15.2 UNkawana ululeka uMazinyo ngokuthi akadle utshani. Uyabona ukuthi uzobulawa yindlala njengoba izilwane zingasaphumi emzini yazo ukuzophuza amanzi, sezinompompi ezibathole ngenxa yempucuzeko.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile wanika iseluleko] (2)

15.3 Umsebenzi womlandi awufani. Ekuqaleni kwalesi siqeshana usilandisa ngesimo somlingiswa onguMazinyo ayebhekene naso. Uchaza isizathu sokuba uMazinyo azithole esebulawa indlala. Esiphethweni sale nganekwane umlandi uchaza ubuqili ayebuzama uMazinyo bokuholela ophathe iMpala ukuze ezothola okuya ngasethunjini.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile udweshu] (3)

15.4 Ingwijikhwebu etholakala kule nganekwane isetshenziswe kahle ngoba uMazinyo wayeseconsa amathe ebona impala iziletha emfuleni, kuthe ngenkathi impala isathi ilethela ingwenya igatsha kwaqhamuka inkawu. Inkawu yaxwayisa impala ngokuthi mayiyekele lelo gatsha ingasondeli yiyona ezojikijelela ingwenya. Lokho kwadala ukusinda kwempala kuMazinyo.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ingwijikhwebu] (2)

15.5 Kunabalingiswa abangamazimu.

[Nikeza imaki elilodwa uma enikezile okutholakala kulobuciko] (1)

15.6 Amazimu ajezisa uNonsikelelo ngoba ayemyalile ukuba angavumeli muntu ozongena embhoshongweni. Amazimu ase enqamula umsila wengubo yakhe ngoba wayevumele inkosana ukuba imvakashele embhoshongweni. Amazimu alizwa iphunga lomuntu ase emjezisa ngokumsusa embhoshongweni amusa ehlathini

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngokujeziswa kukaNonsikelelo] (2)

15.7 Ngicabanga ukuthi wenzela ukugcizelela izwi lalowo ofuna ukwenzelwa into njengoba amazimu ayethi uma eseliphindile igama likaNonsikelelo abe nesiqiniseko sokuthi uNonsikelelo uwezwile. Wayenzela nokunandisa/ukuheha izethameli ukuze ziqhubeke nokulalela inganekwane zingalali.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile umbono wokuphindaphinda] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

15.8 Umxoxi uphumelele kahle ukwethula isulubezi kule nganekwane. Kuyenzeka ekugcineni izinto sezizolunga bese ziyonakala. Amazimuzimu ase emtholile lo muntu owayevakashele uNonsikelelo futhi esemfihlile uNonsikelelo. Inkosana yafika embhoshongweni, yacula, izimu lehlisa umsila wengubo inkosana yenyuka ngawo. Lathi uma libona ukuthi ngumuntu lethuka ladedela umsila inkosana yawa. Lokho kwenza ukuthi inkosana iphunyule ekutholweni ngamazimu okwaholela ekutheni igcine imtholile uNonsikelelo owayesefihlwe ehlathini.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngesulubezi] (2)

15.9 Le migqa inento eyenzeka ngokufanayo okukhombisa isibindi nokuphokophela. USbongile ufaniswa nogandaganda ohamba uya phambili njalo nongalokhu ushayelwa ngokuya emuva.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile okufanayo] (2)

15.10 Izenzo zenkosana nalezo zeNkosi uDkt. Sbongile ziyefana ngokuduka. Inkosana yahamba iduka nehlathi ingazi ukuthi iyaphi emva kokuphahlazeka phansi yagcina ifikile la kulahlwe khona uNonsikelelo. Inkosi uDkt Sbongile naye wehle enyuka ebumnyameni kodwa ekugcineni waphumelela kwabona noma ubani.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile izenzo] (3)

15.11 Ihubo elithi, 'Senzeni' lixhumana nenganekwane uNonsikelelo ngokuthi uNonsikelelo wayesosizini lokuhlukunyezwa ngamazimu ngokumgcina ehleli yedwa ehlathini. Leli hubo lihlatshelelwa abantu abasuke benosizi noma bekhala ngenxa yokugqilazeka ngandlela thile.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile okuxhumene] (2)

15.12 Lesi sisho sisetshenziswe kahle mayelana nempilo kaNonsikelelo ngoba wayelahleke emncane, watholwa ngamazimu amkhulisa. Wayenganaye umuntu owayezomsiza amphindisele kubazali bakhe. Kwathi uma esetholwe yinkosana okokuqala, amazimu amjezisela ukufaka umuntu embhoshongweni.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngokusetshenziswa kwesisho] (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kulo mdlalo.)**

Lesi sitatimende esishiwo umbhali siliqiniso ngoba cishe yonke imizi iyaba nezinkinga ebhekana nazo njengoba nakulo mdlalo zikhona izinkinga ezikhungethe umuzi kaMdaluli.

UMdaluli oyinhloko yaleli khaya uphelelwa ngumsebenzi kade kunguye kuphela osebenzayo nowondlayo ekhaya. Lokhu kushabalalisa wonke amathemba akhe akade enawo ngomndeni wakhe. UMdaluli uyahluleka ukukhokha isikweletu sasekolishi lapho kufunda khona uLondiwe. Lokhu kudala ingcindezi kuphinde kushabalalise nenjabulo kuye kanye nasemndenini wakhe ngoba wawusunethemba lokuthi uLondiwe uzoqeda ukufunda alekelele ekufukuleni ikhaya lakubo.

Lokhu kudala ingcindezi enkulu kuMdaluli uphelelwa wuthando lokudla uma umkakhe emphakela. Ushaya umkakhe kusihlwa kuze kusiza ukufika kukaManqina ezolamula lolu dungunyane. Aphinde ashaye uMaMlanduli ebusuku uma enqaba ukumnikeza indabandaba okugcina elahlekelwa ukuhlonishwa izingane zakhe njengoba uLondiwe abiza amaphoyisa kufike uZayeka wambopha.

UMdaluli uvundulula ikhono lakhe lakudala lokwakha izindlu ukwenzela ukuba akwazi ukuxosha ikati eziko. Uthola umsebenzi wokwakha umuzi kaSaziwayo Ntenga waseMangethe usindwa zinyawo ngoba uphucwa iqatha emlonyeni uChivenga. UChivenga naye wabe enza umsebenzi ofana nowakhe kepha ubiza amanani aphansi. Lokhu kuphuca kukaMdaluli isinkwa emlonyeni kwadala ukuba isimo sasemzini wakhe sibe sibi kakhulu. Kwangagcina lapho kwamenza ukuba abe nenhliziyo embi manje nakwabanye abantu.

Ngenxa yesandla esihle sikaChivenga, uMdaluli ulahlekelwa amakhasimende agcina esekhetha ukwenzelwa nguChivenga umsebenzi. UMdaluli ugcina esezonda uChivenga. Lokhu kwenza isimo sibe sibi phakathi kwakhe noChivenga. Ukudlondlobala kwebhizinisi likaChivenga lidlule elikaMdaluli kwenza ukuthi uMdaluli abe nomona athakathe uChivenga. UChivenga ubolelwa yisandla agcine eselaliswe esibhedlela. Lokhu kwabhebhethekisa ubutha phakathi kukaMdaluli noChivenga, uMbhebhezeli wamtshela uChivenga ukuthi uthakathwe nguMdaluli.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMdaluli uyaqhubeka nokuzonda uChivenga umqubela ehlathini laseMphekandlubu umshaya uyamlimaza esihlakaleni ngemolontshisi. Lokho kuholela ekutheni abanjwe iphoyisa uZayeka limbophe uMdaluli agcine engasakwazi ukwenza izidingo zakhe ngoba useboshiwe. UMdaluli uthatha isinqumo sokuthatha iholide lokuya eSudan ukuze aqale kabusha impilo yakhe. Uhamba yedwa kanti izinto azizohamba kahle ngendlela abeyifisa. Kwazamazama umhlaba uZenyezile waxoxela umndeni kaMdaluli kodwa kusoleka ukuthi kungenzeka ukuthi ubengomunye walabo abashonile ngokugqibeka ngaphansi komhlaba nakuba babengenasiqiniseko.

Umbhali uphumelele kahle ukuveza ukuthi awukho umuzi ongenazo izinkinga. Izinkinga ezibhekene nomuzi kaMdaluli ezitholakala ngenhla ziyakufakazela ukuthi yilowo nalowo muzi unezinkinga zawo.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Kusemzini kaChivenga kwaHlomendlini.

[Nikeza imaki elilodwa uma esinikezile isizinda sendawo] (1)

17.2 UHlengiwe uzombheka uChivenga ukuthi useyalulama lokho kukhombisa ukumkhathalela nothando ngokuzombona uyamzwela ngisho nasezinhlungwini abonakala ekuzo.

[Nikeza amamaki amabili uma esigagulile isenzo] (2)

17.3 Imbangela yesimo senhlalo esingesihle ukulimala kukaChivenga emuva kokuthi eshaywe uMdaluli. Uze walaliswa esibhedlela. UHlengiwe kuyamkhathaza ukumbona esezinhlungwini uze abone ukuthi basheshe bamkhipha esibhedlela engakalulami kahle.

[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile kafushane imbangela] (2)

17.4 Isigameko esasifihlelwe umlingiswa onguHlengiwe esokuthi uChivenga wayesenze ubugebengu ehlangene noHeshana washintsha ipasi likaHlengiwe walibhala isibongo sakhe kwasengathi sebeshadile.

[Nikeza amamaki amabili uma esibhalile isigameko esasifihlelwe umlingiswa] (2)

17.5 Lezi zenzo zokushintshwa kwamapasi azikho emthethweni. UHlengiwe wanikeza uChivenga ipasi lakhe ngethemba lokuthola umsebenzi. Labuya selithi ushade noChivenga. Nalapha eNingizimu Afrika ubugebengu

bokushintshwa kwamapasi sekuvamile. Baningi abantu abazithola sebeshadile nabantu abangabazi ngaphandle kokuvumelana nabo njengoba kwenzekile nakuHlengiwe okushintshwe isibongo epasini lakhe engazi.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyamanise izigameko wasekela] (3)

17.6 Ivumakabili lalibikezela ukuthakathwa kukaChivenga ethakathwa nguMdaluli. Ivumakabili inyoni eyaziwa ngokuba nomoya omubi, ivamise ukusetshenziswa ngabathakathi. Nempela uChivenga wathakathwa uMdaluli wabola isandla.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesibikezelo] (3)

17.7 UChivenga wayelaliswe esibhedlela ngenxa yokuhlaselwa alinyazwe nguMdaluli ngokumshaya ngemolontshisi.

[Nikeza amamaki amabili uma eyibhalile imbangela] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


17.8 Umoya ovezwa uChivenga owokujabula njengoba evakashelwe isithandwa sakhe uHlengiwe yize esezinhlungwini. Uyaqhubeka umbiza ngamagama amnandi akhombisa uthando, umbiza ngomayitukluza, mntakwethu nangethambo lakhe le*Kentucky* ngenxa yokumthanda nokumkhathalela uHlengiwe.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngomoya] (3)

17.9 Izenzo ezenziwa nguMdaluli kuChivenga zimveza njengomlingiswa oyigwala. Waqala ngokuthakatha uChivenga wabola umunwe owawusunesitupamunwana. Waphinda wamhlasela ngemolontshisi. Lokho kwakungubugwala ngoba wayesaba ukubangisana naye ebhizinisini ngoba uChivenga enekhono elidlula elakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewubekile umbono wezenzo zabalingiswa] (2)

17.10 Inhloso yombhali yokusebenzisa uMbhebhezeli ukuqaphelisa abantu ukuthi kukhona abangani abangathembekile abangakwenzisa izinto ezingafanele. UMbhebhezeli ungumngani kaMdaluli amethembayo namxoxela zonke izinkinga zakhe. Uvela nesisombululo senkinga kuMdaluli sokuthi makathakathe uChivenga. Emveni kwalokho uhamba ngasese uvakashela uChivenga esibhedlela amtshele ukuthi uyamazi umuntu omthakathayo.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso] (3)

17.11 Ngicabanga ukuthi ngangingemukela isimo esingehlele ngokuthi ngixoxisane nomndeni wami noma ngiye kodokotela abeluleka ngokwengqondo kanye nabeluleki bezimali. Ngangingaqhubeka nokufuna amatoho noma ngizisungulele ibhizinisi engingalenza ukuthola imali. Lokho kwakuzogwema udlame uMdaluli aba nalo emndenini nasemphakathini.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxe ngesisombululo wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kulo mdlalo.)**

Lesi sitatimende esishiwo umbhali siliqiniso ngoba cishe zonke izizwe ziyaba nezinkinga ezibhekana nazo njengoba nakulo mdlalo zikhona izinkinga ezikhungethe isizwe sikaSalimani.

Abelungu benza amaqhinga amaningi ukuzama ukuthola ingxenye yomhlaba ophethwe iNkosi uSalimani. Ukwaziswa kukaSalimani mayelana nodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele kumenza abambe imihlangano eyahlukene ukuze abonisane nesizwe sakhe ngodaba lokuphucwa kwakhe umhlaba. Lolu daba luyihlalise kabi iNkosi uSalimani kanye nesizwe sonkana. USalimani enobukhosi obunohlonze ngenxa yokusingathwa ngabantu ababusayo, wazisa abafowabo mayelana nomyalezo owawuvela kuZithulele mayelana nokuklanywa kabusha kwemingcele.

Isizwe sonkana siyayeseka iNkosi efunga igomela ukuthi izwe liyafelwa futhi uMngeni ungaphenduka igazi, kuba kanjalo emazweni/ezizweni uma kukhona abantu abafuna ukuqola abanye umhlaba. Isizwe asijiki siwotha ubomvu, ngodaba lokuthi abelungu bafuna ukuvele baziklamele nje umngcele wezwe lokhokho baso. Isizwe siba yimbumba siseka inkosi uSalimani ngalolu daba. Ukwesekwa kukaSalimani abafowabo kumenza angavumi ukubukela nje angazami imizamo izwe lithathwe yena ebe esonge izandla. Uya kuZithulele enkantolo yaseMshwati. Akahambi yedwa kukhona abamphelezelayo njezinduna kanye nabafowabo uqobo lwakhe.

Inkosi uSalimani ubiza imbizo enkulu ukuba bazohlanganela emzini wakhe. Kulo mhlangano usebenzisa ubhontshisi omnyama nomhlophe ukuthi kwenziwe ukhetho kusetshenziswa izinkamba ezimbili. Lokhu wakwenza ngoba enobuhlakani futhi efuna ukubheka ukuthi abantu bakhe ngabe bayahambisana yini nabo ekulweni nale nkinga yokusikwa kwemingcele. Abantu bakutshengisa ukweseka iNkosi ngokuba bathathe ubhontshisi omnyama bawufaka okhambeni. Kwathi labo ababe sebephenduke amambuka njengoMphiliphili bona benza okwehlukile ngoba base becheme nabelungu. Nakuba ayesekhona amambuka afana nabo oMphiliphili kepha iNkosi uSalimani ayimbulali kodwa unika ithuba ukuba abafowabo babeke uvo lwabo. Uyamhlawulisa ngalesi senzo sakhe, okwakungeke kwenzeke ukube wayengababambisene nesizwe sakhe.

Ogqayinyanga babelungu bahlasela abantu bakaSalimani ababehlezi bezibusela emzini kaMcondo. Kuleso senzo ogqayinyanga bahlangana nezimbila zithula ngoba yibo abalimala kakhulu. UZithulele ubopha uMcondo umfowabo weNkosi uSalimani kanye nenduna uNomehlo. Icala liyabalahla oMcondo benoNomehlo kepha isijeziso kuba ukuphucwa umhlaba kukaSalimani ngoba bethi inja ibambela umnikazi wayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Lesi sinqumo kwakungamagqinga kaZithulele okuthatha umhlaba weNkosi ngoba wayebona ukuthi iNkosi uSalimani ibhoka iyakhahlela ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele. UZithulele wabe efuna ukunciphisa umhlaba weNkosi uSalimani ukuze uthathwe abelungu. Kwathi noma umngcele sebewuthathile ngobuqili kwangena icala enkantolo yamajaji eseMshwathi yahlula uSalimani. INkosi uSalimani yathatha udaba lwayo yalidlulisela emajajini amakhulu aseMgungundlovu. INkosi uSalimani yagcina ngokuliwina icala, yabuyiselwa ingxenye yezwe layo eyase iphucwe yona uhulumeni ngobuqili.

Lezi zigameko ezingenhla zifakazela ukuthi ngempela yileso naleso sizwe siba nazo izinkinga esibhekana nazo. Kuyenzeka ukuthi lezo zinkinga zigcine sezihlakaze umbuso noma ubukhosi baleso sizwe. Kepha kule ncwadi, iNkosi uSalimani wakwazi ukubheka nazezi zinkinga, waphetha ngokuba azinqobe.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Kusenkantolo eMshwathi.

[Nikeza imaki elilodwa uma esinikezile isizinda sendawo] (1)

19.2 Usondela kuye uyakhuleka ngesizotha ngaphambi kokuba amhlebezele ukuthi kumele enzeni.

[Nikeza amamki amabili uma esinikezile isenzo wasekela] (2)

19.3 Isimo senhlalo asisihle. INkosi uSalimani usenkantolo yaseMshwathi, ucelwa uNongejeni ukuba akhiphele phandle amabutho akhe. INkosi uSalimani ale ukhasha ngoba ethi ungena nawo nje ngokulandela umyalelo wonongqayi abathe akangene nahamba nabo. UZithulele azijube atshele uSalimani ukuba akakhiphele phandle amabutho, uSalimani aphinde enqabe.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane isimo senhlalo] (2)

19.4 Isigameko esasifihlelwe amabutho enkosi uSalimani esokuthi athi ezisinela kumnandi kaVimbingwenya kanti onogada bakaMgqabuli bazowazuma bewahlasele.

[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isigameko esasifihlelwe amabutho] (2)

19.5 Ubuholi bokuba izinduna babo bobabili abufani. UMphiliphili ube yinduna kaSalamini elutheka kalula, yavuma ukusetshenziswa ngokuthengwa abelungu ukuze abe yimpimpi adayise izwe likaSalimini kanti uNomehlo ube yinduna ethembekile neqotho ekwazi ukumela iqiniso nangalesi sikhathi eboshiwe ngecala lokushaya abantu bakwaMgqabuli.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ubuholi wasekela] (3)

19.6 INkosi uSalimani ukhombise isenzo esinobuhlakani obukhulu nokuzethemba. Akavumelanga intukuthelo yabafowabo kanye nesizwe sakhe emuva kokulahlwa icala enkantolo eMshwathi ayefakwe lona lokubulala abantu bakaMgqabuli kade belwa nabantu bakhe ngaphansi kukaMcondo. Unquma ukudlulisela icala eMgungundlovu ukuze icala liqulwe ngobulungiswa. Nempela icala lafika lamthetha. Umhlaba wangathathwa ngabelungu.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile wasekela] (3)

19.7 Yingoba kuzothethwa icala lokuhlaselwa kwabantu benkosi uSalimani behlaselwa onogada bakaMgqabuli.

[Nikeza amamaki amabili uma eyibhalile imbangela] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

19.8
- USalimani wabiza imbizo lapho kwazohlanganwa khona noZithulele ukuzoklanywa komngcele.
- USalimani wabiza sonke isizwe sakhe ukuba sihlangana ukuze sikhethe ukuthi siyavuma yini ukuthi kuwelwe uMngeni.
- Ngosuku lokhetho uSalimani weza nesu likabhontshisi lokukhetha, abantu bakhetha ukuthatha ubhontshi omnyama ngokuwufaka esikhambeni, wehlulwa kanjalo uhulumeni.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile ngamaphuzu] (3)

19.9 Izenzo zabafowabo benkosi uSalimani zibaveza njengabalingiswa abaqotho ngokweseka umfowabo kuzo zonke izigameko adlule kuzo ngecala lokwebiwa komhlaba wesizwe sakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wezenzo] (2)

19.10 Inhloso yombhali yokusebenzisa ukuveza ukuthi ngenxa yokuhluka kolimi lwesiZulu nolwesiLungu kwakubalulekile ukuthi kube khona abantu abafana noNongejeni ukuze bezotolika.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso] (3)

19.11 Ukuba ngangiyinkosi uSalimani ngangizokwenza isiqiniseko ukuba laba belungu bayajeziswa kakhulu ngoba ngangingabafaka icala lamademeshe. Ngangibuye ngenze idili elikhulu esizweni ukwenzela ukubonga kwabaphansi, ukubonga abafowethu kanye nesizwe sonkana ngokungeseka kuze kube sekugcineni.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxe ngesisombululo wasekela]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-41 ukumaka i-eseyi.

**Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenze ngayo izinto kulo mdlalo.)**

Lesi sitatimende esishiwo umbhali siliqiniso ngoba cishe yonke imizi iyaba nezinkinga ebhekana nazo njengoba nakulo mdlalo zikhona izinkinga ezikhungethe umuzi kaThamsanqa kanye noPhindisiwe.

Izinkinga eziba semzini kaThamsanqa zidalwa ukubuya kukaNkululeko ejele oshayela UPhindisiwe ucingo ngoba uboshwe bethandana. Umshayela ucingo esemsebenzini emuva kwesidlo sasemini ufuna babuyelane. UPhindisiwe uyenqaba, uNkululeko afune ingane yakhe uZiphozonke. UNkululeko akhale ngesikhathi sakhe esichithekile esejele. UPhindisiwe umtshele ukuthi wamkhokhela ngecala agwetshelwa lona lokushayisa ingane. Ukungezwani kuqhubeke, uPhindisiwe atshele uNkululeko ukuthi eze neprojekthi ezomlethela imali.

UNkululeko aziqhube lezi zinkinga ngokufika kwaMathonsi kubo kaThamsanqa abazise ukuthi uzolanda izingane zakhe ezisisiwe la kwaMathonsi okunguPhindisiwe inkosikazi yakhe noZiphozonke. Ahambe kwaMathonsi emuva kokuba bengazwani bekholelwa ukuthi uzobaqola. UNkululeko athembise ukubuya nobufakazi. Lesi senzo sikaNkululeko siletha inkinga emzini kaThamsanqa ngoba uMathonsi noMaMhlongo babiza uThamsanqa ukuba afike kubona ngokushesha.

UNkululeko ubuyela kwaMathonsi uphethe incwadi yomshadombumbulu phakathi kwakhe noPhindisiwe kanye nesithombe esisikwe ephephandabeni, 'Ifa Lamehlo'. Lesi senzo sikaNkululeko sidala izinkinga emndenini wakwaMathonsi ngoba uMaMhlongo uze akholelwe ukuthi iphupho aliphuphile belibikezela lokhu kufika kuNkululeko. Ukufika kukaNkululeko kuqhubezela izinkinga ngoba uveza nokuthi uPhindisiwe unezinye izingane azishiye kwaMakhungu okunguNokwethemba noThembalakhe. Lokhu kuletha inkinga kulo muzi wakwaMathonsi kanye nokaThamsanqa ngoba konke lokhu okushiwo uNkululeko abakukholwa nokuthi kwaziwa ukuthi uZiphozonke uzalwa nguThamsanqa.

Izinkinga zikaPhindisiwe noThamsanqa ziyaqhubeka ngoba uNkululeko ushayela ucingo uPhindisiwe esemzini wakhe benoThamsanqa. UPhindisiwe uyaluziba lolu cingo ngoba wayesezwile ukuthi nguNkululeko lo olokhu eshaya ucingo. Bayaxabana uPhindisiwe benoThamsanqa ngoba uThamsanqa ufuna ukwazi ukuthi ubani lo oshaya ucingo futhi ufuna ukuthini. UMaMhlongo noMathonsi basale bakhuluma ngoPhindisiwe bakhombisa ukungamethembi njengoba lokhu kufika kukaNkululeko ephindelela kwaMathonsi kubenza bashaye amakhala ngokuganwa kukaThamsanqa wuPhindisiwe. UMaMhlongo ashayele ucingo emzini kaThamsanqa oluphendulwe

Downloaded from Stanmorephysics.com

uPhindisiwe. Aluphendule ucingo ezitshela ukuthi lusashaywa nguNkululeko kanti ngumamezala wakhe uMaMhlongo ogcina ezwe izimfihlo obekungamele azizwe. Lesi senzo siyiqhubezela phambili le nkinga eyenzeka emzini kaThamsanqa.

UThamsanqa udinwa ugana unwabu uze abeke isandla uPhindiwe njengoba bengaboni ngaso linye. Lokhu kudala ukuba uPhindisiwe abaleke aphindele ekhaya kubo kwaMakhangela. UPhindisiwe uba nemicabango engemihle ngoThamsanqa. Wakha necebo lokuba uNkululeko abulale uThamsanqa ukuze ezozuza imali yomshwalense. UPhindisiwe ubhebhethekisa izinkinga zasemzini wakhe ngokuba atshele uNkululeko ukuthi izikhiye zasebhange zihlala kuSarah abasebenza naye ohlala eNkanini. Bakha itulo lokuyontshontsha le mali esebhange. UPhindisiwe agcine ngokuboshwa. UThamsanqa ulahlekelwa umkakhe onguPhindisiwe ngenxa yobugebengu bakhe abenze nesoka lakhe lakudala uNkululeko.

Zonke lezi zigameko ezibalulwe ngenhla zifakazela ukuthi awukho umuzi ongenazo izinkinga zawo. Umuzi kaThamsanqa benoPhindisiwe uba nezinkinga eziningi ezigcina zibhidlize umuzi wabo kulo mdlalo.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Isizathu sokuhlangana kwabo esokuthi bazokhuluma ngetulo abalibophele uPhindisiwe ngasese.

[Nikeza imaki elilodwa uma esinikezile isizathu] (1)

21.2 Umlandi usitshela ngesenzo sikaNkululeko sokungena ephoseka emnyango afike aqabule uKholekile abuye ahleke kancane.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umsebenzi womlandi wasekela] (2)

21.3 Imbangela yesimo senhlalo esihle ukuthi uNkululeko noKholekile bayajabulelana baze baqabulane. UNkululeko ujatshuliswa ukubona nokuzwa ukuthi uKholekile uphumelele ukudunga umqondo kaPhindisiwe wokuthi kubulawe uThamsanqa ukuze kutholakale imali yomshwalense. Okunye ukuthi uKholekile uqinisekisa uNkululeko njengoba emtshela ukuthi uzwile uPhindisiwe ukuthi angeke amshintshele uNkululeko, uzokwenza konke akufunayo ngoba usengafa nokufa.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze imbangela yesimo senhlalo wasekela] (2)

21.4 Isigameko esasifihlelwe umlingiswa onguSarah esokuthi uPhindisiwe umfihlele ukuthi kuhlelwa itulo lokuzothatha okhiye bokuvula ebhange ukuze bezontshontsha imali. Yena wasivula ngokukhululeka isicabha uma ezwa ukuthi kungqongqoza uPhindisiwe.

[Nikeza amamaki amabili uma esibhalile isigameko esasifihlelwe umlingiswa] (2)

21.5 Izenzo zalaba balingiswa azifani. Umlingiswa wokuqala uthi angathola ukuthi kunenkinga ebhange akwazi ukuba wusizo abike ngobugebengu abusola ukuthi buyenzeka ngaphakathi kanti umlingiswa wesibili ukhetha ukuzihambela athi akafuni ukuzifaka enkingeni yokusiza ekubikeleni amaphoyisa ngoba kuzogcina kunguye ophendula imibuzo.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wasekela] (3)

21.6 Ngiyazwelana noThamsanqa ngoba kubalulekile ukuzinika isikhathi sokwazi umuntu ngaphambi kokuthi ushade naye. Ziningi izimfihlo uThamsanqa angazange azazi ngoPhindisiwe ngenxa yokuthi wathandana naye izinyanga ezimbalwa kuphela wase ethumela abakhongi. Ukuba walinda ngabe okuningi kwavela ngaphambi kokuba ashade naye.

[Nikeza amamaki amathathu uma eluvezile uvo lwakhe wasekela] (3)

21.7 Imbangela ukuthi oMaqoma babezofuna izikhiye zasebhange ukuze bahambe bayontshontsha imali khona ebhange.

[Nikeza amamaki amabili uma eyinikezile imbangela] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


21.8 Umoya otholakala kulesi siqeshana kuSarah owokuthuka ngoba lesi simo ubengasilindele. futhi okumthusa kakhulu ukuthi bamukhombe ngesibhamu.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngomoya wasekela] (3)

21.9 Isenzo sobuqili esokuthi baqhube uPhindisiwe ukuthi kube nguyena ongqongqozela uSarah ngoba uzomkholwa ngeke azitshela ukuthi uhamba nezigebengu uma ethi bamvulele.

[Nikeza amamaki amabili uma ezidalulile isenzo sobuqili] (2)

21.10 Inhloso yombhali yokusebenzisa uMakhangela ukuveza ukuthi abanye abazali banomthelela esimilweni esibi sezingane zabo. UMaKhangela uhlulekile ukuba qotho endodakazini yakhe. Lokho okumenze waba nesimilo esibi esimlahlekisele okukhona ngokungekho.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso] (3)

21.11 Ngicabanga ukuthi isisombululo kungaba ukuthi izinhlelo ebebenazo ngaphakathi ejele baqhubeke nazo sebengaphandle, nomnyango wezokuhlumeleliswa kwezimilo uqhubeke nokwenza umsebenzi wokubalekelela sebesemphakathi ngokubabheka ngazikhathi zonke/ kuqinisekiswe ukuthi amakhono abawafundele bengaphakathi ejele bayawasebenzisa.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxe ngesisombululo wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**

**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **5–6** | **4** | **3** | **2** | **0–1** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko<br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **4** | **3** | **2** | **1** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | -Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE**<br><br>Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | **12–15**<br>-Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu:<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **9–11**<br>-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | **6–8**<br>-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **4–5**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **0–3**<br>-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI**<br><br>Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | **8–10**<br>-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | **6–7**<br>-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | **4–5**<br>-Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba ezininingi zibhaleke kahle. | **2–3**<br>-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | **0–1**<br>-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |

- **Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.**
- **Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.**